# *IZwe LiyaHlakazeka*

Kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

2 Asikhothamise amakhanda ethu ngezwi lomkhuleko. Baba wethu waseZulwini, thina futhi, kulobubusuku, sizwakalisa kuWe, Somandla oMkhulu, sibonga kangakanani ukubuthana lapha ndawonye, siphila futhi sikwazi ukukhonza Wena, kulobubusuku. Futhi sibuthane ndawonye ngaleyonhloso, ukuba sihlale ndawonye ezindaweni zaseZulwini, njengabafowethu nodadewethu, izakhamizi zoMbuso kaNkulunkulu, silindele ukufika kukaMoya oNgcwele phezu kwethu, ukuze Embule kithi esifanele sikwenze, uhlelo lokuphila kwethu. Sifuna ukuhamba ngentando yaKhe.

3 Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzoqala esisekelweni futhi nje usihlanze, Nkosi, futhi usenze izidalwa ezintsha, ukuze siyifanele inkonzo yaKho. Sazi ukuthi lokhu akunakwenzeka nhlobo kithi, Baba; ngokuba besingeke sazihlanza thina uqobo kunoma ingwe ibingakhotha amabala ayo iwahlanze, kuphela iwagqamisa ngokuzama ukwenza umzamo wayo. Kodwa, "KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli." Yilokho okuhlanza amabala engwe. NgiyaKuncenga, Baba waseZulwini, siphe khona, kulobubusuku, ukuthi ngamunye wethu angaze ayohlomeka phansi kwaKho, sishiya konke ukungabaza kwethu ngemuva, konke ukungatshazwa kothando lukaNkulunkulu nesithembiso sethu ngalamahora. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

4 Asicule leli njengoba sihlala phansi. Esikhundleni sokuthi "kholwa kuphela," asiphakamise izandla zethu nje futhi sicule "manje ngiyakholwa." Ya, wonk'umuntu manje.

Manje ngiyakholwa, manje ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, manje ngiyakholwa;
Manje ngiyakholwa, manje ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, manje ngiyakholwa.

5 INkosi inibusise, njengoba nihlala phansi. O, kuzwakala kuthokozeleka kakhulu. Emva kokucela uNkulunkulu, bese uMtshela, "manje ngiyakholwa," emva kokuMcela.

6 Lolu bekulusuku olul'khuni ngempela kimi. Ziningi kakhulu izinto zokuthi zenziwe, futhi mhlawumbe izingxoxiswano ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ezilindile, futhi nje awukwazi ukufinyelela kubo bonke, yilokho kuphela. Akunakwenzeka nje nhlobo. Futhi ngibe nokubizwa okune, namhlanje, ukundiza ngiphume edolobheni; okunye eBeaumont,

eTexas; nokunye eHouston; nokunye eCampbellsville, eKentucky; nokunye eLittle Rock, eArkansas, ukugula okuphuthumayo. Futhi nje ngaphambi kokusuka, nakho kungena ucingo ukuba ngindize ngisuka lapha, ngeSonto ebusuku, emva nje kokuphela kwenkonzo, ukuba ngibe le ndawondawo kusondele eWest Coast, ukuyoshumayela umngcwabo. Futhi awukwazi nje ukufinyelela kubo bonke. Futhi yilowo nje ongena lapha, labo abaziyo ukuthi silapha; kuthiwani ekhaya, eofisi, niyabo? Nalabo ngabantu abangabantu abakahle. Futhi bangamaKristu, abaningi babo. Futhi ba. . .Kodwa nje ungeke waba ndawo zonke ngesikhathi esisodwa, ngakho uzama ukwenza okwedlula konke ongakwenza uselapho. Kukwenza ube nokwethuka. Kodwa niyazi kuthatha abantu abanokwethuka, ngesinye isikhathi, ukufinyelela ndawondawo, niyazi, futhi bathola ukukhiyelwa endawaneni.

7 Benazi yini ukuthi cishe impela njalo ukuthi abantu abaphansi kogqozi bathathwa njengabaguliswa yimizwa na? Kunjalo. Cabangani nje ngokuthi yimuphi wabaprofethi owayengathathwa njengoguliswa yimizwa, niyabo. Ngisho noJesu, bathi, “Usangene,” kuchaza ukuthi *uyahlanya*, niyabo. NoPawulu wathi, “Ngendlela ethiwa ‘ukuhlanya,’ yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu.” Niyabo, *ukweduka*, “ukuhlanya.”

8 Futhi thathani izimbongi. Ngogqozi, zikhwela endaweni abantu abejwayelekile nje abafinyeleli lapho. Ngicabanga ngo—ngoStephen Foster, owapha iMelika amaculo abafo bayo adumile. Manje, ngicabanga ukuthi wayenakho engqondweni yakhe, kodwa hhayi enhliziyweni yakhe. Futhi ngangivame nje ukuhlala ngaphesheya komfula ukusuka ekhaya elidala laseKentucky. Niyazi, emva kokubhala leloculo labafo elidumile, wayephuma futhi adakwe. Futhi akakwazanga nje ukukumela. Futhi ekugcineni esaphuma phansi kwalologqozi, ngoluny’suku, wabiza inceku wayesethatha ireza, wayesezibulala. Niyabo, u—u . . .

9 Uma uphezulu *lapho,* yonke into ikahle, futhi uma uphansi *lapha*. Ku—kuphakathi nendawo, uma uphuma phansi kwakho. Uboke ubuze imenenja nabanye babo abazama ukuhambahamba ebusuku, emva kwaleyomigqa yokubona okufihlakele. O, he, awazi noma ngabe konke kungumbono, noma ukuthi kwenzekani. Nguwe, uyabo, yonk’into. Yonk’into oyibukayo, a—awazi noma ngabe ngumbono ngempela yini noma yini. Uvele nje. . .Futhi nguwe owenza lokho. Uyabo? Nguwe—nguwe impela odonsa lokho.

10 Bengikuchaza kumelusi, namhlanje. Kunjengomfana omncane ezama ukubuka ngembobo odongeni, ukuba abone isekisi. Udonsa ngezandla zakhe, bese ebuka ngale, futhi mhlawumbe angabona njengendlulamithi noma ikameli,

bese ehlehla aqathake. Bese uthi, "Yini enye oyibonile na?" Awu, kucishe kumbulale impela ukwenyuka futhi, ukuba ayibone. Kodwa manje-ke, emva kwesikhashana, ukuba omunye ubengafika ngapho futhi amqukule, amphakamise, bese ethi, "Nansi indlela okuhamba ngayo. U—umqhele wezimbali uqala *lapha*, negrand i*ngapha*, futhi iphumela *ngapha*." Umhlalisa ngapha. Ngani, akumkhathazi.

11 Yileyondlela uNkulunkulu ayekuyo ngayo kuKristu. Manje owesifazane owathinta ingubo yaKhe, owesifazane omncane nje ngesikhathi sokunqamuka ukuya esikhathini, wayenomopho. Futhi wayengakwazi . . . odokotela babengenakuwunqamula. Futhi wathinta ingubo yaKhe. Futhi Wajika wayesethi, "Ubani oNgithintile na? Kuphumile amandla kiMi." Niyabo, lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Wadonsa uNkulunkulu ngaYe. Lowo kwakungowesifazane enza lokho. Wathatha inhlanhla yokusebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu.

12 Kodwa, ngenkathi uLazaru efa, Wathi Wayengenzi lutho uYise aze aMbonise. Futhi kamuva, Wahamba isikhashana, futhi—futhi bathumela kuYe ukuba eze azokhulekela uLazaru. Akayanga; Waya kwenye indawo. Base-ke bebuye bethumela futhi. Futhi Akayanga; futhi wakuyeka, waya kwenye indawo. Futhi ekugcineni wajika, wathi kubafundi baKhe, "ULazaru ulele."

Awu, bathi, "Wenza kahle."

13 Wayesekhuluma ngolwimi lwabo-ke, "Ufile. Ngenxa yenu, Ngiyajabula beNgingekho lapho." Niyabo, uYise wayeseMtshelile ukuthi kwakuzoba yisikhathi eside kangakanani, ngoba Wathi Wayengenzi lutho uYise aze aMbonise; nokuthi-ke kwakuzoba yisikhathi eside kangakanani, nokuthi kwakuzokwenzekani, nangaYe ukuba abuyele emuva. Lalelani nje. "Kodwa Ngiyahamba ngiyomvusa." Niyabo?

14 Futhi ngenkathi Esehlela ethuneni likaLazaru, Wakhuleka. Wathi, "Baba, NgiyaKubonga ukuthi Usuvele uzwile; kodwa Ngiyakusho nje lokhu ngenxa yalabo abemi eduzane." Wayazi ukuthi yini eyayizokwenza, futhi Wabiza uLazaru ethuneni. Kwakungekho neyodwa into eyashiwo mayelana namandla esuka kuYe. Lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe, nomunye kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu.

15 Manje, ungeke wawukhiqiza umbono. Ufanele uvele kuNkulunkulu.

16 Ngakho ukukholwa kwakho yikho okukwenzayo. Ukukholwa yiyonanto kuphela uNkulunkulu ayoyiqonda, kumuntu, ngukukholwa eZwini laKhe elithenjisiwe, futhi uzenzela wena lokho. Ngukukholwa kwakho okwenza lokho. Kodwa manje-ke uma kufika umbono, ngeziny'izikhathi,

umbono uNkulunkulu ayowunikeza mayelana nokuya ndawondawo, ngani, ngezinye izikhathi uthatha amahora, akungikhathazi neze. Kodwa yilezi ezithi ukulimaza, bese-ke uyabuya bese umangala ukuthi ukuphi.

17 Ngicabanga ukuthi uWilliam Cowper, ngiyakholwa, kwakuyigama lakhe, wabhala elithi *Kukhona UMthombo Ogcwaliswe NgeGazi.* Ngama ngasethuneni lakhe, kungekudala, eLondon. Ngadingeka ngithi nje ukukhala kancane, ngoba ngayizwela indoda. Yayiyimbongi. Futhi yona, ngenkathi yenyuka inogqozi futhi yabhala lawomaculo . . . Awu, ngenkathi iphuma kulokho, ya—yazama uku . . . yathatha u—umshayeli futhi yazama ukuthola umfula, ukuba izibulale, futhi kwakunenkungu kakhulu abakwazanga ngisho nokuyithola. Niyabo, ya—yalahleka, yayiphuma ogqozini, yabuyela phansi emhlabeni futhi.

18 Kusho ukuthini konke, mngani na? Ukuthi qiniso likhona iZwe elingaphesheya komfula, udingeka ukhwele nje ukuba uLibone. Ngakho siyazi ukuthi kuzoba ngoluny'usuku ukuthi sizoya kuleloZwe. Lelo yiThemba lethu elikhulu.

19 Manje, kulobubusuku, angizange ngiyitshele indodana yami ukuba inikezele amakhadi omkhuleko. Kodwa ubusuku ngabunye iNkosi ibiphilisa abagulayo ezithamelini, nje ibiza kubo, labo onokukholwa. Lalelisisani Ekushoyo manje, niyabo, futhi uma I—uma Ikhuluma.

20 Kodwa ngiyacabanga, kusasa ebusuku, manje, ukuthi sizoshintsha i—inqubo yomhlangano. Futhi bangaki abangathanda ukukhulekelwa nje, nje—nje bakhulekelwe, abagulayo na? Awu, kulungile. Ngizothumela uBilly, kuse eli kancane nje, uma kulungile kumelusi wethu othandekayo, futhi sizonikezela, nonke, ikhadi lomkhuleko, olifunayo, sizobe-ke sesibizela abantu phezulu, futhi size futhi sibakhulekele.

21 Angikwazanga ukungenisa wonke umuntu komunye waleyomigqa yokubona okufihlakeleyo. Benginga . . . bebeyongikhipha, futhi beniyokhulekela mina. Futhi—futhi nje cabangani, uma owesifazane oyedwa athinta ingubo yaKhe . . .

22 Futhi WayeyiNdodana kaNkulunkulu enobuNkulunkulu. Uma owesifazane oyedwa athinta ingubo yaKhe futhi kwaMenza azizwe ephela amandla, bekungenzani kimi, isoni esisindiswe ngomusa waKhe na? Beningeke neze niwelele komunye, noma mhlawumbe lokho, ukuba Wayengashongo ukuthi, "Lezizinto eNgizenzayo mina, nani niyakuzenza; okuningi kunalokhu niyakukwenza." Ngokuba, niyabo, Wathi, iKing James inokuthi "emikhulu kunale," kodwa igama elikahle lithi "eminingi kunale," uma ulibhekisisa, "eminingi kunale." Isizathu, akekho owayengenza okukhulu kunalokho; Wavusa abafileyo, futhi wamisa imvelo. Wayenze yonk'into. Ngakho into kuphela, iBandla . . . Konke uNkulunkulu ayeyikho kwakukuMuntu

oyedwa lapho, kodwa leyoNsika yoMlilo enkulu eyahola uIsrayeli yaba yinyama yakha phakathi kwethu.

23 Kodwa ngenkathi Ebethelwa, wavuka futhi wayesenyukela kuNkulunkulu; ngoSuku lwePhentekoste, Wabuya ngesimo saleNsika yoMlilo, wayesezehlukanisa Yena uqobo, izilimi zoMlilo zahlala phezu kwalowo nalowo wabo. UNkulunkulu ezaba Yena uqobo phakathi kweBandla laKhe, ngoba lowo kwakunguMkaKhe. Nendoda nomfazi munye, ndawonye. NoNkulunkulu neBandla munye, ndawonye. UNkulunkulu ekini! Lowo kwakunguNkulunkulu phezu kwethu, uNkulunkulu enathi, uNkulunkulu kithi, uNkulunkulu ofanayo ngaso sonke isikhathi; ukuzibonakalisa okuthathu nje, izingxenye ezingahlukaniseki, noma izikhundla, kumbe noma ngabe yini ofuna ukukubiza ngakho. NjengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, NguNkulunkulu ofanayo ngaso sonke isikhathi. Niyabo?

24 Futhi manje lowo kwakunguNkulunkulu phezu kwethu, wayengenakuthintwa. Ngisho nentaba eyayingathintwa, ngenkathi Ekuyo, bafanele babhokodwe ngomcibisholo, ngoba isono sasingakabi nomhlatshelo nokho.

25 Kodwa manje-ke uNkulunkulu uyeza futhi wabonakaliswa phakathi kwethu, "SaMphatha ngezandla zethu," wathi, "UNkulunkulu!" UThimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza; ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa yiziNgelosi, futhi wakholeka ezweni, wemukelwa eNkazimulweni." Niyabo? Niyabo, manje, lowo kwakunguNkulunkulu enathi.

26 UNkulunkulu engaphezu kwethu, uNkulunkulu enathi, manje uNkulunkulu ekithi. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu; konke lokho uKristu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni. "Ngalolosuku, niyakukwazi nina ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; Ngikini, nani nikiMi." Ngakho bekunguNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, niyabo, imisebenzi yaKhe efanayo. IBandla ligcotshelwe ukuqhuba umsebenzi waKhe, ngoMoya ofanayo. Beningeke naqhuba umsebenzi ngaphandle koMoya ofanayo. Kunjalo. UMoya ofanayo uqhuba umsebenzi.

27 Ngakho manje ninomoya omuhle kakhulu ukukhuluma kini, ngi—ngithola isikhathi esengeziwe, njalo ebusuku. Futhi a—angithandi ukwenza lokho.

28 Kodwa ngiyacabanga, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi sisesikhathini sokuphela. A—angi—angikusho lokho ngoba nje kuyisisho esejwayelekile phakathi kwabantu. Ngiyakukholwa. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, nangobuqotho enhliziyweni yami. Yingalesosizathu ngingazami ukwakha izinto ezinkulu, ngenze izinto ezinkulu, futhi ngakhe amazenga amakhulu. Futhi ngi—ngikholwa ukuthi uKristu uyeza. Ngi—

ngi. . .Yonk'into, asi—asiyenze khona manje, ngoba lingahle lingabibikho ikusasa, niyabo. Asikwenze namhlanje, uma singakwenza, yonk'into esingayenza.

29 Ngakho-ke angizange ngivumele, noma angicabangi ukuthi uMoya oNgcwele ubungafuna ngibe nezinto ezinkulukazi, lapho ebekuzoba nenkulukazi. . .Manje, lokho kulungile kulabo abazokwenza lokho. Angibalahli ngecala. Lokho kuhle. Kodwa ukuba njengokusakaza kwetelevishini okufaka sonke isizwe, ngize ngihambe ngicela abantu imali; nokwenza lokho, bazofanele bakwenze, ngoba bazofanele bakukhokhele. Ukusakaza ngemisakazo, lokho ku—lokho kulungile, lokho kukahle, kodwa lokho kwakungesikho okwami. Ngithanda nje. . .Ngani, bengiyokhathazeka mina uqobo kuze kube sekufeni, ngalokho. Futhi bengingekwenze lokho. Bengingekwenze.

30 Ngaqala ukuthatha umnikelo, kanye empilweni yami. Ngiqagele nezwa ngakho. Nga—ngaqala ukuthatha umnikelo. Sangena nje ebucayini obunjalo, kwaze kwacishe impela kwafanele ngibe nawo. Nga—nganginezikweletu ezithile, futhi ngangisebenza. Ngathatha isigqoko sami ngase ngithulule isheke lami leholo, futhi asikwazanga nje ukukwenza. Angizange ngithathe umnikelo eTabernakele. Ngelusa iminyaka eyishumi nesikhombisa, ngaphandle kwendibilishi. Ngase ngithi kunkosikazi, ngathi, "Thina, sizofanele nje. Ngiya ngale bese ngithatha umnikelo."

31 Wathi, "Ngizokubhekisisa, uyabo." Niyabo? Uya ngale futhi uhlala phansi.

32 Futhi ngalobobusuku, kamuva. . .Bangabantu abathandekayo. Azibusiswe izinhliziyo zabo. Ngathi, "Ngi—ngithi ukukuzonda ukusho lokhu." Ngathi, "Kade nginani isikhathi eside. Angizange nginicele noma yini," Ngathi, "kodwa ngi—nginezikweletu engifanele ngihlangabezane nazo. Ngidinga cishe amadola ayisithupha." Ngase ngithi, "A—anginawo nje. Anginawo nje futhi asefanele akhokhwe," ngase ngithi, "NgoMgqibelo. Futhi nje a—anginawo ukuba ngiwakhokhe." Ngase ngithi, "Uma nonke, noma yimuphi wenu ongaba cishe nosheleni," ngathi, "uma beningasiza kancane kukho, ngingakuthokozela." Futhi—futhi wonk'umuntu waqala ukukhala. Kwakukhona owesifazane osemdala ehlezi phansi lapho. . .Nomdikoni wasukuma, futhi sasingenalo ngisho nepleyiti lenkongozelo, futhi nga—ngathi, "Ungathatha isigqoko sami." Futhi wahamba wayesethatha isigqoko sami.

33 Ngase ngibuka phansi lapho. Nodade omdadlana uhlala njalo engikhulekela, wayene. . .Omunye walaba umama wangaseningizimu oyifeshini endala owayenesinye salezi ezincane. . .izikhwama zemali ezincane ezithi qhafa phezulu. Wasivula qhafa leso, futhi, o, he! Ngakubuka

lokho. Ngangingeyisebenzisele ubala leyo. Ngathi, "Bengi—nginincokolisa nje. Bengifuna ukubona ukuthi benizothini. Bengingakuqondile ngempela lokho." Ngangingekwenze. Lokho ngokusondele kakhulu kunakho konke engake ngafika kukho ukuba ngithathe umnikelo. Niyabo?

34 Kwakukhona indoda endala eyayivame ukwehlela endlini yami. Yona—yona, ngicabanga ukuthi yayingeyeNdlu kaDavide, noma okuthize. Yayinentshebe ende nezinwele. Yangipha ibhayisikili elidala, ukuthi lahlubuka; kodwa hhayi ukuhlubuka, lase ligugile nje. Cishe la—lase liwusebenzile umsebenzi walo kahle, kodwa lali . . . Ngakho nge—ngehlela esitolo esithengisa izinto zosheleni ngase ngithenga amakani amabili kapende, ngosheleni ababili, ngase ngilipenda ngalithengisa ngamadola ayisithupha. Ngakho angidingekanga ukuba ngithathe umnikelo, niyabo. Ngakho ngifika ngokusondele kakhulu kangako. Ngi—ngi . . . Niyabo?

35 Ukuba-ke bengilapha naso sonke lesosibopho esikhulu, noMoya oNgcwele wangibizela phandle ndawondawo ebandleni elincane, lapho mhlambe ebengiyodingeka ngibe namakhulu amadola ngosuku, ukunakekela lona na? Bebengeke bakwenze. Kodwa, niyabo, angidingi lutho kodwa nje okunye okuningi kukaNkulunkulu. Niyabo? A—angiyidingi. Ngakho uma Engibizela ndawondawo, akunandaba ukuthi kukuphi, uma kunabantu abayishumi noma . . . Futhi ngishumayele ezinkulungwaneni ezingamakhulu amahlanu, ngesikhathi esisodwa. Ngakho, awu, lapho okufika khona kulesosikhathi, umuntu nje abeke . . . UNkulunkulu ukubeka enhliziyweni yabo, futhi bayafika bese bethi, "Uyazi, iNkosi yathi ubuya ndawondawo, futhi nanti isheke lakho." Yilokho-ke, ngokukholwa, niyabo, ngokuba Uyazi ukuthi yini esiyidingayo. Niyabo? Futhi ngakho ngithanda nje ukuphila kanjalo.

36 Bese kuthi-ke eny'into, niyazi, ngicabanga ukuthi sehlela ezindaweni. Inqwaba yabantu ofika emihlanganweni yami bangabantu abampofu njengoba nginjalo nje, futhi ngifuna ukuhlala nje njengoba benjalo. Bekungabukeka yini khona manje kumfundisi ukuba ajikeleze, yonke into ethize enkulu, niyazi, kanjalo, namashumi ezinkulungwane zamadola, futhi beyiphosa *ngapha* na*ngapho*; no—nomunye wesifazane othize ozihluphekelayo edonsa isaka likakotini emhlane wakhe, ecosha ukotini cishe amadola amathathu ngosuku, edla amafutha kabhekeni nesinkwa sommbila na? Ha-aha. Ngingeke, ngingekubone lokho, niyabo. UKristu umhlaba wawungowakhe, futhi wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe; "izimpungushe inemiphandu." Futhi WayeyiSibonelo sethu. Wayeyilokho Ayefanele ukuba yikho.

37 Manje, hhayi ukuthi ngizama ukunilahla ngecala nokho kulokho. Ngizama nje ukunitshela ngami uqobo. Ngakho-ke, kungekho-mali, ngakho-ke angikaze ngilinge ukuqala noma

yini ibe nkulu, niyazi. Futhi—futhi ungeqale lutho olukhulu, empeleni. Into enkulu kunayo yonke ekhona, siya kuYo, niyabo; ngakho, futhi nguNkulunkulu. Futhi ngicabanga ukuthi sonke singusayizi ofanayo nje, futhi nje asihlale ka—kanjalo. Singabantwana bakaNkulunkulu.

38 Manje, ngi—ngiyathanda nje ukufunda leliBhayibheli. Futhi angikwazi ukulifunda kahle kakhulu futhi ngezinye izikhathi ngiwabiza ngokungesikho amagama ami, kodwa nizongibekezelela ngalokho. Ngi—ngi—ngi . . .

39 Ngesinye isikhathi ngiyakhumbula kwakuseFort Wayne, ngangishumayela. Futhi kwakukade kukhona iAssemblies of God iqukethe loludatshana, ne*Who's Who* yayinalo; intombazanyana. Ngahle ukuba nalufunda cishe eminyakeni eyishumi eyadlula. Babenalo, yayikade i . . . amehlo ayo ahlinzwa nokubona kwaphela. Futhi—futhi yangeniswa kimi, noMoya oNgcwele wayitshela konke ngakho futhi wayiphilisa khona lapho; yayisikwazi ukufunda iBhayibheli noma yini. Ne*Who's Who* yayiluqukethe. Lelobhuku, niyazi, i*Who's Who*, kwisayense yezokwelapha nanoma yini enye, eyayingakwenza.

40 Futhi ngiyakhumbula, ubusuku obuthi abube bubili emva kwalokho, ngabuyela emuva lapho uPaul Rader abhala khona leloculo, *Kholwa Kuphela*. Futhi ngangihlezi lapho futhi ngikuzwa lokho kungena. Kwakukhona i—indoda eyayinemfundo ngempela, ifanele ukuthi yayinayo, futhi ngakho iyabuya, yathi, "Mnu. Branham, ngingakhuluma kuwe na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

41 Futhi yazethula, futhi—futhi yathi, "Ngifuna ukukuqondisa ngezinye izinto nje."

Ngathi, "Kulungile, mnumzane."

Yayisithi, "Ukukhulunywa nokubhalwa kolimi kwakho." Niyabo?

42 Ngathi, "Yebo, mnumzane, ngiyakwazi lokho." Ngathi, "Nginemfundo yebanga lesihlanu kuphela." Ngathi, "Sasinabantwana abayishumi. Ubabayi wami wayengohlala ngokugula futhi ngangidingeka ngiyosebenza. Ngadingeka ngiyeke isikole, umfana omncane nje."

Yathi, "Lokho akusesizo izaba manje."

43 Ngase ngithi, "Lokho, lokho kuqinisile." Ngathi, "Ngiqagele akunjalo. Kodwa manje lokhu ngifanele ngikhonze iNkosi, anginaso isikhathi sokukwenza, sanoma yikuphi kwakho."

44 Yathi, "Awu, okwakho . . ." Yathi, "Abantu phandle lapho!" Yathi, "Ngikuqaphelile izolo ebusuku, wathi, 'Nonke ninabantu enenyukela lapha ngakulelipulpiti,' wathi, 'yehlani . . .'"

45 Ngase ngithi, "Awu, ini? Angazanga kwehluka." Yase ithi . . . Ngathi, "Yini engalungile ngalokho na?"

46 Yathi, "Akusilo ipulpiti," yathi, "yi*pulpiti*." Yathi, "Ibandla lakho beliyokuthokozela kakhulu uma ungathi *ipulpiti*."

47 Awu, ngicabanga ukuthi yathi ukukama izinwele ezimbalwa ngendlela engesiyo. Ngathi, "Mfowethu," ngathi, "Angifuni ukwehluka kuwe. Kodwa angikholwa ukuthi labobantu uyanaka noma ngabe ngithi pulpiti noma *pulpiti*, ukuze nje ngishumayele iZwi likaNkulunkulu, futhi ngiphile impilo ekuLeli." Yileyo into enkulu. Amen.

Umfo omncane wathi, "Kodwa awulazi iBhayibheli lakho."

48 Ngathi, "Kodwa ngimazi kahle ngempela uMqalisi, futhi U—Uyangibusisa." Ngingaqoka ukwazi, "ukuMazi kungukuPhila." Uyabo?

49 Manje, kusasa ebusuku, nifike kusathe ukuba eli. Ngoba, uma ngenyuka, emizuzwaneni embalwa nje edlule, ngetekisi phandle lapho, bekunoxhaxha nje lwabantu, bedumele, abanye bekhala, beshiya indawo, futhi baxoshiwe. Ngakho fika kuse eli ngakho konke ongakwenza, ukuba uthole ikhadi lakho lomkhuleko.

50 Manje ngaphambi nje kokuba sibuke iZwi, asikhulume kuMqalisi umzuzu nje.

51 Baba waseZulwini, leli yiZwi laKho. Futhi siyafunda eBhayibhelini, ukuthi, "Sihlanzwa ngamanzi eZwi." Futhi siyazi, eTestamenteni eLidala, ukuthi babesithatha kanjani isithole, isithole esibomvu, futhi basibulale, lonke ibandla, futhi sasishiswa. Bese kuthi-ke imilotha wawugcinwa ngaphandle kwamagceke, kwenzelwa amanzi okuhlukanisa, ukuthi—ukuthi izandla ezaziphatha lokhu zifanele zibe yizandla ezihlanzekile. Futhi ngi—ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, njengalamazi okuhlukanisa, iZwi elisehlukanisa nokufa, siye ekuPhileni; hlanza imicabango yethu, izinhliziyo zethu, Nkosi. Futhi uma kuba khona noma yini Oyithola kithi, leyo engalungile nje, kuhlanze, Nkosi, ngalamanzi okwehlukanisa, kulobubusuku. Susa izono zethu, Baba. Si—sifuna ukuma nsuku zonke phambi kwaKho, sifa kithi uqobo, ukuze siphile kuKristu. Busisa iZwi njengoba siLifunda. Futhi Wena wethembisa ukuthi Lalinga—lalingayikubuya-ze, kodwa Li—Liyokufeza lokho Elalihloselwe ukuba likwenze. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosipha lokhu ngeGama likaJesu. Amen.

52 ENcwadini yeSambulo sikaJesu Kristu, siyathola ngizofunda nje kancanyana oPhawini lwesiThupha. ENcwadini yeSambulo, etholakala esahlukweni 6 seSambulo, sizobe-ke sesiqala ngevesi 12. Bese kuthi-ke futhi ngifuna ukufunda kumaHeberu 12:25, nawo, okwesinye isicaphuno esincane, seminye imiBhalo enginayo ibhalwe phansi lapha. Nezi—zinto ezimbalwa engithanda ukukhuluma ngazo, uma iNkosi ithanda. Futhi manje eSambulweni 6:12.

> *Ngase ngibona lapho livula uphawu lwesithupha, futhi, bheka, kwaba-khona ukuzamazama okukhulu komhlaba; nelanga laba-mnyama njengendwangu yesaka loboya, nenyanga yaba njengegazi;*
>
> *Nezinkanyezi zezulu zawela emhlabeni njengomkhiwane uvuthulula umphobo wawo, nxa uzanyazanyiswa ngumoya omkhulu.*
>
> . . . amazulu *lagoqwa njengomqulu wencwadi usongwa; nezintaba zonke neziqhingi* zonke *zasuswa ezindaweni zazo.*
>
> *Namakhosi omhlaba, nezikhulu, nabacebileyo, . . . zinduna, nabanamandla, . . . zigqila zonke, nabakhululekileyo bonke, bacasha . . . emihumeni na . . . semaweni ezintaba.*
>
> *Base bethi ezintabeni nasemaweni, Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi* phezu *esihlalweni sobukhosi, nasolakeni lweWundlu:*
>
> *Ngokuba usuku olukhulu lolaka lwakhe selufikile; ngubani-ke onamandla okuma na?*

53 Manje eNcwadini yamaHeberu, isahluko 12, futhi siqale ngevesi 25.

> *Bhekani ningamali okhulumayo. Ngokuba uma bengaphunyukanga labo ababemala lowo owabaxwayisa emhlabeni, kakhulu asiyikuphunyuka, thina esimfulathelayo* lokho, *oxwayisa esezulwini:*
>
> *Ozwi lakhe lanyakazisa umhlaba ngaleyonkathi: kepha manje* ukhombile, *wathi,* Ya, *kusezakuba-kanye ngizamazamise kungabi-ngumhlaba wodwa, kepha* namazulu *futhi.*
>
> *Futhi lelizwi lokuthi, Kusezakuba-kanye,* kutshengisa . . . *ukuguqulwa kwalezozinto ezinyakaziswayo, njengokuba zenziwe, ukuze lezozinto ezinganyakaziswayo zime.*
>
> *Ngakho-ke lokhu* simukeliswa *umbuso ongenakunyakaziswa, masibonge, ngesingamkhonza ngakho uNkulunkulu* ngokwamukeleka *nangokumhlonipha nangokuthuthumela:*
>
> *Ngokuba uNkulunkulu wethu ungumlilo oqothulayo.*

54 Manje lena yi—yindikimba encane engithanda ukudonsa kuyo lapho, ukwenza indikimba kukho, uma bengingayibiza ngakho. Futhi ngithemba ukuthi anginihlalisi isikhathi eside kakhulu. Futhi ngakho ningakhohlwa kusasa ebusuku, manje, ukufika kuse eli ukuthola amakhadi omkhuleko, futhi sizoba nomugqa womkhuleko lapho esikhulekela khona bonke abantu abanamakhadi omkhuleko. Manje, nendikimba yami

kulobubusuku ithi *IZwe LiyaHlakazeka*. Yindikimba eyinqaba kabi.

55 Kodwa bengicabanga namhlanje, njengoba benginethuba eliyinkazimulo nenhlanhla enkulu ukuba ngihambe noMfowethu Vick, lo ohloniphekile, inceku kaKristu edumile; noMfowethu Joseph, umngane wami oyigugu, futhi. Sasinaye, awu, kwakuyidina, kimi. Ngicabanga ukuthi yilantshi, kini nonke lapha. Kodwa uma lelo kuyidina, khona-ke leli yidina kulobubusuku, naleyo yilantshi nokudla kwasekuseni, kungena nini ukudla kwami kwakusihlwa na? Niyabo, ngizizwa sengathi ngishiye ngaphandle into ethize. Bese kuthi-ke njengoba siye e—edineni futhi siyabuya sehla ngomgwaqo, besiqaphela bebephakamisa, beqala ukuphakamisa izinto zikaKhisimuzi. Sisondela enkathini kaKhisimuzi, futhi kuqhubeke kusasele inyanga, kodwa zonke izitolo zikhipha zonke izindali zikaKhisimuzi.

56 Balahlekelwa kude kanjani nje yincazelo kaKhisimuzi! Sekuphenduka kwaba yisenzo sezohwebo nje. Onke amaholide asephenduke lokho; uSuku lukaMama, uSuku lukaBaba. Futhi zonke izinsuku bezifanele zibe lusuku lukamama nobaba. Futhi bane, o, iPhasika. USanta Claus wathatha i—wathatha indawo yokuzalwa. Unogwaja nenkukhu, idada elincane, kwathatha isikhathi sokuvuka. Konke yizinkukhu namadada namaqanda, futhi kuhlangene ngani lokho nokuvuka na? Niyabo? Futhi kubi kakhulu ukuthi si. . .lokho kukubeka phambi kwabantwana bethu.

57 Okuningi umfana omncane phandle lapha, kulobubusuku, anganitshela okunye okuningi ngoDavy Crockett kunoma enganitshela ngoJesu Kristu, impela, impela, ngoba yinto enkulu yezohwebo. Bathatha izingubo zokugqoka njengenye ikhawa bhoyi noma elinye iqhawe, futhi, noma into ethize yomunye umgulukudu noma into ethize, futhi—futhi bathengisa izingubo zokugqoka okubukeka kufana nawo, bese—bese kuthi-ke bonke abantwana abancane bayazi ngakho futhi bafunda indaba yakho. Ukuba nje besingathola uhlelo lukaKristu baluwezele kubantu, kanjalo. Ngokwejwayelekile nizama ukuzifanisa nalokho enikufundayo; nina, abafundayo.

58 Ngiyakhumbula, bekuhlala njalo bekungaleyondlela ngami. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi, njengomfanyana, cishe iminyaka eyishumi nambili ubudala, ezansi esigcinamabhuku somphakathi, ngathola enye yezincwadi zikaZane Grey ethiwa *The Lone Ranger*. Nga—ngagibela umshanelo kamama waze wafa, njengehashi lokuzilibazisa, ngizungeza ngizungeza indlu, ngaze ngawephula. Kamuva, ngafunda indaba kaEdgar Rice Burroughs ka*Tarzan And The Apes,* futhi ngalala esihlahleni, ngoba nga—nga—ngangifunda lokho. Lokho kwakusemqondweni wami.

59 Futhi, o, ngoluny'usuku ngathola into ethize eyayiyiyo ngempela, iQiniso, hhayi inganekwane. Futhi selokhu kwasukela ngaleyonkathi, ngifuna impilo yami ibe njengeyaKhe. Ngathola into ethize eyayiyiyo ngempela ngenkathi ngifunda iBhayibheli nokuphila kukaJesu Kristu.

60 Manje njengoba sisondela kulenkathi yonyaka, yejwayeleke kakhulu. Izwe selithi nje alibe yisimo esifanayo elalikuso eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, ngenkathi Efika emhlabeni ekufikeni kwaKhe kokuqala. Ngenkathi Eza emhlabeni, umhlaba wawudibane nesikhathi sawo . . .

61 Njalo kaninginingi izwe lingena esimweni senxushunxushu enjalo kuze kungabe kusabakhona lutho olungalisiza. Sibe nakho lokhu izikhathi eziningana, lezizisusa. Futhi si—sithola ukuthi njalo uma lidibana nalesisimo, futhi, libangela abantu ukuba—ukuba baqale ukukhuleka. Futhi bayezwa ukuthi yonke into isiziveze obala, njengoba zonke ezezinqubo zethu nayo yonke into esinayo, ivela obala kuze kube sekugcineni. Yakwenza lokho ezweni lasemandulo izwe lingakabhubhi ngamanzi, kanjalonjalo. Ezombusazwe ne—nezinye izinto zifika nje ekupheleni kwakho, akusekho okunye kulo. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi konke lokho kwenziwa nguNkulunkulu, ngenhloso, ukuthi ukubuyisela esimweni sobusha, ukuthi ukukubuyisa. Linendlela yokuzihlumelelisa. Futhi ngicabanga ukuthi ngu—ngumthetho kaNkulunkulu nje, ukuthi lezizinto zifika kuleyondawo.

62 Isikhathi sokufika kokuqala kukaKristu, ngi—ngikholwa ukuthi besingathi izwe lalihlakazeka. Kwakuyisikhathi sokonakala kwezombusazwe, isikhathi sokonakala e—enkolweni. Zonke izinqubo zase zonakele. Babexubanisile, bejovela ezinye izinto nezichasiselo ezibonwa ngokucabanga nje ezenziwe ngumuntu, ezinkolweni, kanjalonjalo, yaze yathi yonke into yonakala. Nezwe lalihlakazeka.

63 Nezwe, ngalesosikhathi, lalikhulekela umesiya. Manje, amaRoma lalikhulekela umesiya, amaGreki ayefuna umesiya, amaJuda ayefuna umesiya. NoNkulunkulu wabanika uMesiya, kodwa babengakufuni ngendlela Akuthumela ngayo.

64 Futhi ngiyamangala namhlanje, esikhathini sethu senxushunxushu, ukuthi uma sonke sifika kulendawo futhi, njengoba sisondela kuKhisimuzi, sithola izwe lithi alibe sesimweni esifanayo; libole ngesimilo, nezombusazwe kubolile, impilo yezenkolo i—ibolile, ubuhlelo bubolile, nayo yonke into yonakele nje. Futhi sonke sibheke ukuba into ethize isisize siphume kuyo. Sonke sibheke umesiya.

65 Ngiyamangala, uma uNkulunkulu asithumela uMesiya, ukuthi besingeke yini senze into efanayo abayenzile ngokwedlule nje. BesingeMazi, besingemazi ukuthi WayenguBani. Angicabangi ukuthi izwe beliyoMqonda, nhlobo.

66 Futhi qaphelani ukuthi kungani. Nanku umcabango wami, isizathu sokuthi kungani. AmaRoma, ayenombono wawo ukuthi umesiya ufanele ukuba njani. Ngamunye wethu sinemibono engeyethu; ibandla ngalinye linemibono yalo. Sifundisiwe, sadweba eshadini nayo yonke into, ukuthi uMesiya ufanele ukuba yini, ukuthi kuzoba kanjani, "Ibandla lethu yilo elizoKwemukela." Awu, amaJuda, abaFarisi bakucabanga lokho, bacabanga kanjalo nabaSadusi ngasohlangothini lwabo. Into efanayo, niyabo. Imimoya awufi; umuntu nje obuhlala kuye. Niyabo? Lokho, udeveli akawuthathi umoya wakhe, uthatha kuphela umuntu. Futhi into enhle ngakho, uNkulunkulu akawuthathi uMoya waKhe, naye, niyabo, Uyasala; umuntu nje. UMoya ofanayo owawuphezu kukaKristu uphezu kwekholwa namhlanje, ikholwa langeqiniso.

67 Manje qaphelani, amaRoma ngalolosuku ayebheke u—umesiya, u—usombusazwe. Ayefuna umuntu ukuba ehle evela kuJupita, noma omunye ukuba ehle ngenqola yomlilo, ne—nelanga emva kwekhanda lakhe, futhi wayezodonsa izinqola anqamule esibhakabhakeni. Futhi efuna uJupita ukuba ehle futhi awanike iqhinga, imfihlo yezombutho ukuthi ayengaligxoba kanjani izwe lonke. Yilokho ayefuna ukukwenza. Ayefuna ukushaya alahle phansi amaGreki, bese—bese elinqoba lonke izwe. Yilolohlobo lukamesiya ababelufuna.

68 Awu, amaGreki ayefuna lolohlobo lukamesiya ukuba afike futhi awatshele nje lona impela uhlobo lwamasu namacebo okuphamba ababengawasebenzisa ukushaya alahle phansi amaRoma. Niyabo, yilolohlobo.

69 Futhi amaJuda, ayebheke uJenene, indoda ethize eyayiza nentonga yensimbi esandleni sayo, neNgonyama yeSizwe sakwaJuda, futhi wayezobusa zonke izizwe; futhi axoshe iRoma iphume iyongena emfuleni futhi abaminzise, no—no—noIsrayeli wayezokwengamela. Yilesosizathu. Ngenkathi Efika impela ngendlela umBhalo owathi Wayezofika ngayo, kodwa babeMbheke ngendlela ehlukile.

70 Ngiyamangala ukuthi bekungeke yini kwaba yindlela efanayo namhlanje, uma Efika, ukuthi besingekucabange yini lokho. Sinemibono engeyethu ngokuthi Ubeyofanele abe yini, nokuthi Ubeyofanele abukeke kanjani, nokuthi ufanele azigqoke kanjani izingubo zaKhe, futhi ahlukanise izinwele zaKhe, nayo yonke into. Uma nje kungesiwo umnambitho wethu, ngani, besingeke sikwemukele, niyabo; ngiqonde, thina, izwe namhlanje, niyabo. Kulungile.

71 Wona—wona, amaJuda, enqaba uMesiya, ngenxa yokuthi Akafithanga ekunambitheni kwawo. Akazange.

72 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, umthungi okahle eTucson wayenginqumela amanye amabhulukwe. Futhi wayeliJuda.

Futhi ngasizwa isiNgisi sakhe esephukile, futhi—futhi ngathi, "Uyini, iJuda na?"

73 Wathi, "Yebo, mnumzane." Wayesethi, "Ngicabanga ukuthi ungumKristu na?"

74 Ngathi, "Yebo, mnumzane." Ngakho waqhubeka elungisa amabhulukwe ami. Ngase ngicabanga, "Ngizodedela yena kube nguye oholayo ngokulandelayo."

75 Wayesethi, "Awu," wathi, "Angimelene ngalutho nani maKristu."

76 Ngathi, "Ngiyabonga, mnumzane. Angimelene ngalutho nawe." Wayesethi, wathi i . . . Ngathi, "Uthini owakho umbono ngoKristu na?"

77 Wathi, "Wafika kuse eli kakhulu, futhi bathi Wayesemncane kakhulu emsebenzini."

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane."

78 Wathi, "Wayesemncane kancane kakhulu emsebenzini waKhe." Wathi manje, uKristu, "Uma Yena, uJesu, ubengafika namhlanje . . . " Hhayi uKristu; abakukholwa. Wathi, "Ukuba uJesu ubengafika namhlanje, uhlelo lwaKhe beluyoba kahle." Wathi, "Kuyinto ethize, enye, njengoRockefeller noGoldwater," wathi, "balwa bodwa, naseqenjini elifanayo." Wayesethi, "Uyabo, be—bebengafanele ngabe benza lokho."

Ngathi, "Lokho kuqinisile."

79 Wathi, "Ngenkathi uJesu efika," wathi, "Ufika elwela iqembu laKhe uQobo, abantu baKhe."

80 Ngathi, "O, qhabo. Weza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga." Ngathi, "Lokho, kwakuyilokho, uyabo."

81 Ngakho ngizomyeka aphumule ngize ngibuye, niyabo, sithi ukuba sincane isikhathi. Ngoba, ngiyakhumbula uNkulunkulu waphuphuthekisa amehlo akhe ukuze mina ngibone, niyabo, ngakho ngi—ngibonga kakhulu esizweni. Ngibonga ngempela. Ungakhathazeki, Israyeli, uma uhlezi lapha, isikhathi sakho sesiseduze masinyane. Niyabo? Impela.

82 Manje izikhathi eziningi siyasho ukuthi, "UJesu wayeyiJuda." Qhabo. Wayengesilo. Qhabo, Wayengesilo iJuda. WayengeJuda engengoweZizwe. WayenguNkulunkulu. Niyabo, okuveza umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi yilapho ingqamuzana lokuphila likhona, nengqamuzana lokuphila laliyingqamuzana elinokudala ngoNkulunkulu. Kwakungekho—ngekho kuphila kwenhlalo yabantu phakathi kukaNkulunkulu noMariya. Akukho ngisho nokuvuka kwemizwa. Wadala kokubili izimbewana, kunjalo, iqanda nengqamuzana. Futhi WayengeJuda engengoweZizwe. Wayeyi lelosango, phakathi nendawo. WayenguNkulunkulu. Futhi uma Wayeyigazi leJuda, silahlekile; uma Wayeyigazi loweZizwe, silahlekile.

WayeyiGazi likaNkulunkulu, elidalwe ngaphandle kwesifiso soncansi. Lokho ngukuthi, yingalesosizathu ukukholwa kwethu kungabuka Lapho futhi kume kuqinisekile ukuthi Yilo. Ngakho Wafela bobabili.

83 Manje sithola ukuthi ngenkathi Efika, nokho, Akafikanga ngokunambitha kweJuda, ngakho baMlahla ngecala. Futhi manje si—singesho lutho ngakho, ngoba senza into efanayo.

84 Yini eyayibangele lokhu na? Ngikholwa ukuthi kwakunembangela yalokho. Futhi ngicabanga ukuthi yingoba babethathe iZwi likaNkulunkulu futhi baLenza ize, ngamasiko abo. UJesu washo njalo. Wathi, "Nina, ngamasiko enu, kulenze ize iZwi likaNkulunkulu." Kunjalo. Lalingenamsebenzi, ngoba kwenezelwa futhi kwakhishelwa kuLo amasiko abo. Futhi ngenkathi . . .

85 Ungeke wenezela lutho ku*Lelo*. Ungesuse lutho kuLo. Li, yileyondlela nje Eliyiyo. Yileyondlela uNkulunkulu aLilondoloze ngayo. Singeke senezela izivumokholo nemibhedesho nezinto, ukujovela kuLelo. Lokho akudingi-sizo. Lowo ngu—lowo nguYe, lowo nguYe esimweni sencwadi.

86 NeZwi liyiMbewu. Nembewu ohlobweni olufanele lomhlabathi iyomila, uma ungambi njalo ekuseni ukuthola ukuthi ngabe imilile noma qha. Uyayitshala nje, uyinikele kuNkulunkulu, futhi uyiyeke lapho. Yileyondlela yokuyiyeka imile, ukuYiyeka nje ngendlela eyiyo emhlabathini. Futhi yilapho Efanele ukubakhona, umhlabathi wenhliziyo yakho. Ukukholwa kuyaYinisela, amahora ngamahora, uthi, "Uma uNkulunkulu asho njalo, ingeyami!" Yileyondlela yokukwenza.

87 Ngakho izwe lonke ngaleyonkathi lalihlakazeka njengoba linjalo namhlanje, zonke izizwe zazibheke othize ukuba—ukuba azibambe ziphume esigemegemeni esasesizogadla ezweni, futhi ezama ukubabamba babendawonye. Izizwe zazibheke into ethize, ne—nesizwe ngasinye sasiyibhekile, kodwa zabukeka sengathi zazingafuni ukwemukela lokho uNkulunkulu ayezithumelele khona. Zazicela umuntu, umesiya, owayezozigxoba azikhiphe zonke ezinye izizwe, futhi uNkulunkulu wabanika iNgane. Becela uJenene, futhi bathola iNgane! UNkulunkulu wayekwazi ababekudinga. Wabehlisa.

88 Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo, Uyasehlisa uma sicabanga ukuthi sazi okuthize. Njengoba Asho kuJobe, "Unokuningi kakhulu ukuhlakanipha, wawukuphi lapho Ngasekela izwe, lapho izinkanyezi zokusa zihlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu ajabula ngokuhlokoma na? Wawukuphi, Jobe na?" Ngani, ukuhlakanipha kwakhe kwaphela, niyabo. Futhi uNkulunkulu uyasehlisa uma sicabanga ukuthi siyinto ethize enkulu. Uma sicabanga ukuthi inhlangano yethu yiyona kuphela, uNkulunkulu uyobuya

entweni ethize engekho ndawo, avuse into ethize futhi asehlise ngayo. Kunjalo. Uhlala njalo ekwenza ngaleyondlela. Yebo.

89 Niyabo, bacela uJenene, futhi bathola iNgane. UNkulunkulu wayekwazi ababekudinga. Kunjalo. Bacela uJenene, futhi bathola uMsindisi. Nakuba babecabanga ukuthi babesindisiwe, kodwa ukuvakasha kukaNkulunkulu kubo kwakhombisa ukuthi babengasindisiwe.

90 Mhlawumbe leyo yiyo yonke inqwaba eyindaba namhlanje. Izwe licabanga ukuthi basindisiwe, ngokujoyina ibandla, kodwa badinga uMsindisi ngokufanayo nje namhlanje. Uma leso kungesiso isithombe sezwe namhlanje, angilazi izwe.

91 Lokho kuthi nje akube ngendlela okuyiyo kuloKhisimuzi, futhi sithola into efanayo, izwe liyahlakazeka. Uma uya ku*lokhu*, lokho akusekho. Uma uya ku*lokhu*, lokho akusekho. Selingaleyondlela ukuze thina sizoza ku*Lokhu*. Niyabo, ku—kususa izisekelo phansi kwethu, ukuze si—sikwazi ukuza ecebweni elikhona, nalokho ngukuPhila okuPhakade.

92 Manje kubuka namhlanje, njengoba ngaleyonkathi, okwenye inqubo ukulibamba libe ndawonye. Njengoba lalinjalo ngaleyonkathi, liyaphinda manje liyahlakazeka. Nezwe lezenkolo ngaleyonkathi lalibheke uMesiya othenjisiweyo ukuba enze lokhu.

93 Futhi uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Akehluleki neze ukugcina isithembiso saKhe kuyo yonke iminyaka. Ngenkathi izwe lihlakazeka, ngesikhathi sikaNowa, uNkulunkulu wabathumela umprofethi onamandla. Benzani ngakho na? Bakwala. Uyini umprofethi na? Lowo iZwi eliza kuye, yiZwi likaNkulunkulu futhi. Ngesikhathi sika—sikaNowa, bathumela lona. Ngesikhathi sikaMose, yonk'inqubo yayihlakazeka, bathumela umprofethi. Ngesikhathi sikaElija, yonk'inqubo yayihlakazeka, bathumela umprofethi. Ngaso sonke isikhathi, uma izwe lingena kulenxushunxushu, bathumela umprofethi. Bese kuthi-ke ngaloKhisimuzi wokuqala, Wathumela iZwi ekugcwaleni kwaLo, niyabo, iZwi! Ingxenye yeZwi kumprofethi, umprofethi wayenoMlayezo walowonyaka, futhi waphuma.

94 Benikezwa umprofethi, futhi benzani ngabo ngaso sonke isikhathi na? Babakhanda ngamatshe (babengavumelani nezinqubo zabo) futhi bababulala. UJesu wathi, "Nihlobisa izindonga zabaprofethi, amathuna, noyihlo babafaka lapho. Futhi nifakaza lokho, ukuthi ningabantwana babo." Niyabo, bayakwenza. Nje kubi kakhulu, kodwa lelo yi—lelo yizwe. Niyabo, kuhlala njalo kunjalo, uNkulunkulu uthumela iZwi laKhe, nokuhlakanipha kuzama ukulisho ngamavesi iZwi.

95 Yileyondlela okwakungayo ekuqaleni. Yona impela into yaqala yonk'inqubo yesono kwakungoba omunye umuntu,

uEva . . . USathane waveza isu elingcono kunelikaNkulunkulu; waveza ukuhlakanipha. Badla emthini wokwazi.

96 Ukuhlakanipha njalo kuyakususa kuNkulunkulu. Ukukholwa kukubuyisela kuNkulunkulu. Awumazi uNkulunkulu ngokuhlakanipha kwakho okukhulu. U . . . Akulungile. Kungokwezwe. Kungubuwula kuNkulunkulu. "Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu, ngobuwula bokushumayela iZwi laKhe, ukusindisa abalahlekileyo." Niyabo? Ngakho uNkulunkulu njalo wayesebenzisa into ethize engubuwula nelula.

97 Ngenkathi Ebiza abafundi baKhe, ukuba Wayekhethe uKayafase nabapristi abakhulu ababebaqeqeshele lelohora, kwakukade kukhona into yokuqhosha ngayo. Babenesiqu sabo sobudokotela nayo yonk'into. Kodwa Uyehla futhi uthola amadoda angazi lutho, abadobi ababengakwazi ngisho nokufunda igama labo uqobo noma babhale igama labo uqobo, ukuze Athathe okungelutho futhi enze okuthize ngakho.

98 Ngisho noPawulu oNgcwele omkhulu wathi wadingeka akukhohlwe konke ake akwazi, ukuze afumane uKristu. Watshela ibandla laseKorinte, "Angizi neze kini ngobungcweti bokukhuluma nokuhlakanipha kwalelizwe, ngoba beniyokwakhela ukukholwa kwenu kulokho."

99 Futhi bukani, namhlanje, abantu abamfuni umelusi ngaphandle uma ekwazi nje ukukhuluma kahle futhi enze onke amabizo akhe nezabizwana. Futhi uma lokho kuba njalo, bengingengene-pulpiti, ngoba angazi ngisho nokuthi mehluko muni phakathi kwebizo nesabizwana. Nento kuphela engiyaziyo, ngukuthi, ngazi Yena. Futhi yilokho kuphela engikhathalele ukukwazi, ngokuba Ungesami—Ungesami UyiBizo neSabizwana sami, UngukuPhila kwami. Manje into esifuna ukuyazi nguYe. Kodwa niyabo inqubo yethu yezenkolo izithathele inqubo yezemfundo, futhi yathatha indawo kaMoya oNgcwele. Yilokho ekwenzile.

100 Manje, ngezinsuku zikaNowa, izinsuku zikaMose, bathumela abaprofethi kubo, futhi benzani na? Babakhanda ngamatshe, bababulala, babasaha baba yizicucu, babashise, noma yiyiphi indlela ukubaxosha, babasuse ezandleni zabo.

101 UJesu wafundisa omuhle kakhulu, waletha umfanekiso, ngenkathi Ethi, "Kwakukhona umuntu, umuntu omkhulu wenza i . . . wayenesivini wayesebeka izisebenzi zesivini kuso. Wayesethuma inceku, zase ziyibulala. Wathuma enye inceku, futhi zayibulala, kanjalonjalo." Wayesethi, "Ekugcineni wathi, 'Mina, ngizothumela indodana yami, futhi zizoyihlonipha.' Futhi i—izisebenzi zesivini zathi, 'Lena yindlalifa, asiyibulale.'" Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu Ayithuma.

102 Ethumela abaprofethi! Ethumela iZwi laKhe; iZwi, uNkulunkulu! Khumbulani, zonke izizukulwane eziwayo, yinye

kuphela into engahlanganisa lelizwe ndawonye ngebriji, lelo yiZwi likaNkulunkulu!

103 Lelizwe lenziwa ngeZwi likaNkulunkulu. Lidatshulwe ndawonye ngeZwi likaNkulunkulu. Yileyonto kuphela eyolokhu iLigcine lindawonye, yiZwi likaNkulunkulu, ngokuba amaHeberu athi, "Siyaqonda ukuthi izwe ladatshulwa ngeZwi likaNkulunkulu." Abantu bayalingabaza iZwi likaNkulunkulu, futhi lona impela uthuli enihlezi phezu kwalo luyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Zona impela izihlalo enihlezi kuzo yiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. UNkulunkulu uyalikhuluma, futhi lizofanele lenzeke, ngoba liyi—yiZwi likaNkulunkulu.

104 Manje into kuphela engaligcina lindawonye, akusoze kwaba yinqubo yezombusazwe, akusoze kwaba yinhlangano yezizwe iU.N., akusoze kwaba ngenye yalezizinhlangano. Kuyoba yiZwi likaNkulunkulu eligcina i—izwe lindawonye. Yileyonto kuphela engingayincoma namhlanje, ukugcina izwe lingahlakazeki khona manje, ngukuthi, buyelani eZwini likaNkulunkulu. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu, njalo.

105 Ensimini yase Edene, uSathane uyafika wayesethi kuEva, wathi, "Ufanele uthathe isithelo somuthi."

Wayesethi, "Kodwa iNkosi ithe ngingawuthathi."

106 Wathi, "Manje, o, impela awuyikufa." Niyabo, wayazi ukuthi inqobo nje uma abantu babehlezi beqinisiwe!

107 Yilokhu esifanele sihlale siqiniswe ngakho, yiZwi. Niyabo, sizungezwe yiZwi. IZwi likini; uNkulunkulu ukini, unizungezile. Noma ngabe niyaphi, yiZwi, iZwi! Mgcineni njalo ephambi kwenu. Khumbulani, yibani nokuMuzwa ndawo zonke. Manje, ngenkathi uEva noAdamu behamba kanjalo, kwakungekho-kufa. Owesilisa noma owesifazane ohamba kanjalo manje, akukho-kufa kubo, banokuPhila okuPhakade uma u—uma uzungezwe futhi ugcinwe yiZwi.

108 Manje bhekisisani, ukuhlakanipha kukhuphukela ekulishoni ngamavesi iZwi, futhi, uma kukwenza, uEva wephula lesosivimbelo. Futhi ngenkathi uSathane ethola ukuthi leyo kwakuyindawo ayengashaya kuyo isintu, yilapho impela abesishaya khona ngaso sonke isikhathi. Ngisho nasemoyeni womphikukristu, usondele kakhulu ngangokuthi wawuyodukisa abaKhethiweyo impela ngezinsuku zokugcina, uza ngesimo senkolo. Manje ayikho into enjengokuthi yiqembu lobukhomanisi lilokhu likhohlisa noma ubani; bangu—bangumphiku-uNkulunkulu, kwasekuqaleni nje, kodwa lowo akusuye umphikukristu. Umphikukristu uyinkolo, esondele kakhulu ngangokuthi ubeyodukisa abaKhethiweyo impela.

109 Bukani uJuda Iskariyote, wahamba kahle neBandla, futhi wamvuma uKristu. Wenze yonke into abanye babo abayenzayo, waphuma futhi waze wakhipha ngisho namademoni,

wayesebuya ejabula, nabo. Ngokuyikho, uMathewu 10. Kodwa uma sekufika endaweni ePhentekoste, ukwemukela ukuPhila okuPhakade, wakhombisa ubunjalo bakhe.

110 Futhi yilapho okufika khona namhlanje. Udeveli ukudedela ube nakho konke ukujoyina ibandla okufunayo. Kodwa uma sekufika esikhathini owemukela ngaso uMoya oNgcwele, uyovele nje ampongoloze, "Yisigejane sabagingqiki abangcwele," noma into ethize. A—akafuni kuzihlanganisa ngalutho naLokho. NoJuda nenqubo yakhe angalandela ngqo aze ayofika kulelohora. Isizathu, yilapho uJuda adukisa khona lelozwe, kuze kuyofika kuleyondawana, kodwa akakwazanga ukukwenza lapho. Lowo ngabaKhethiweyo khona lapho. Manje, angasondela kangako, kodwa u—kodwa u angeze indlela yonke. Ngoba, uma ebengeza, ubeyoba ngumfowenu-ke, ngakho angekwenze lokho.

Omunye wathi, "Uyazi, udeveli ungitholile." Qhabo, akazange.

111 Uwena ophume wamlandela. Akazange angene wase ekuthola. Isizathu, "Ufile, nokuphila kwakho kufihliwe kuNkulunkulu, futhi wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele." Indlela kuphela abengaze angene Lapho, yindlela efanayo wena owayenzayo. Ngakho ukumemile nje, wase uphumela kuye. Yilokho kuphela. Uyabo? Akusikho ukuthi ungena emva kwakho. Angengene Lapho, ngokuba wena ukuKristu, ufile kuwe uqobo. Amen. Angizi-ameneli mina, kodwa lokho kusho ukuthi "makube njalo." Futhi ngi—ngi—ngiyazi kuyiqiniso, kwangehlela futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Kungukwedlula ekufeni uya ekuPhileni, ukwemukela uKristu kuwe. Kulungile.

112 Manje siyathola, ke, ukuthi i—izwe lezenkolo ngalolosuku lalihlakazeka, futhi ba—babehlala njalo bekwenza ngaphambili. Futhi ngani na? Yingenxa yokuthi abaprofethi abezayo, noMesiya ozayo, akazange ahlangabezane nemininingilizo eyincasiselo yabo, igama labo lesayense yezenkolo ngakho. Ba . . . Akuzange.

113 Futhi yileyondlela obekungaba ngayo namhlanje. Yingakho lokhu, ngiyakholwa, namhlanje, ukuthi si—sibhashile kulolusuku, ngoba, emnyakazweni kaNkulunkulu, ngoba khona, ngisho nasemabandleni, akuzi ncamashi ngamagama alokho abakufanise ngokuthi kufanele kube yikho. Bafanisa ngokuthi, "kufanele kubekhona isikhathi ukuthi izinto *ezithize-thize* zizokwenzeka," futhi—futhi manje-ke uma umnyombo wangempela wakho wehla, awu, manje-ke ba—bayakwenqaba Lokho. Niyabo?

114 Futhi yini umsebenzi wokuphakamisa intambo kagesi uma nala umshini wokwenza ugesi na? Niyabo, abakwazi ukuthola ukuhamba kukagesi kuwo, yintambo efile nje. Yileyo indaba ngebandla namhlanje. Sinazo zonke izintambo ziphakeme, futhi

nicindezele inkinobho, akukho kuPhila. Esidinga ukukwenza ngukuxhunywa, yilokho kuphela, khona manje. Tholani ukuxhumana noKristu, izimpilo zethu zamadlingozi ethu, izimpilo zomqondo wethu, nixhunywe kuYe.

115 Wena uthi, "Awu, ngi—ngiyakutshela, ngi—ngi—ngikholwa ukuthi ngi . . . " Aninawo . . . Aninamcabango ozayo. Futhi kunjalo. Wena uthi, "Ngicabanga *lokhu.* Futhi ngi . . . " Aninamcabango. Anginawo nami.

116 IBhayibheli lathi, "Mawube kini lowomqondo owawukuKristu." Futhi Wayehlala njalo esemsebenzini kaYise. Ngakho yilowomcabango kuphela wokuba nawo, ukuthi uNkulunkulu wathini ngakho, hhayi ukuthi omunye umuntu wathini. Kodwa lokho okwashiwo nguNkulunkulu, yilokho kuphela okukhona kukho. Wathi, "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe yiQiniso." Niyabo?

117 Yileyonto yokunquma izwe libuyele ndawonye, kodwa abayikuLemukela. Manje siyazi bangeke, ngoba abazange benze. Kulungile. Siyamangala-ke, uma impendulo injalo namhlanje, ukukhala namhlanje, kungokokusiza ukuba kufike uMesiya. Futhi ngikholwa ukuthi ngezinye izikhathi ukuba besingahle, ukuba UbengaLithumela, ngiyamangala ukuthi besingeyenze yini into efanayo abayenzayo ngaleyonkathi.

118 Zonke ezombusazwe zethu, kokubili enkolweni, na—nangakho kokubili empilweni yenhlangano yamazwe, kanjalonjalo, konakele. Sikonile ukukhonza kwethu ngezimfeshini ezisunguliwe ezenziwe ngumuntu, sakwenza imfeshini futhi sasungula okwenziwe ngumuntu ukwenela zonke izinkoloze esebusweni bomhlaba. Wonk'umuntu unombono ongowakhe futhi. Kufanele kwenzeke futhi njengoba kwakunjalo ngezinsuku lapho uNkulunkulu evusa umprofethi onamandla, uIsaya, wathi, "Imihlatshelo yenu nezinto sekuphenduke iphunga elibi ekhaleni laMi."

119 Niyabo, uIsrayeli, kuqala, ngenkathi uNkulunkulu ebatshela ukuba bathathe umhlatshelo bese beyonikela ngawo, ngani, kwakuyinto enkulu. Ningazibonela nje ukuthi iJuda lehla ngomgwaqo, ne—newundlu, iwundlu elincane elikhuluphele noma inkunzi, kumbe noma ngabe kwakuyini. KwakuyiPhasika, futhi liyehla, libeka izandla zalo phezu ko—komhlatshelo oluxhumanisa nalo uqobo, lizibandakanya nomhlatshelo, ngenkathi libeka isandla salo phezu kwawo. Umpristi wayebulala i—isilwane, iwundlu elincane, noma ngabe kwakuyini. Futhi lapho umfo omncane efa, ekhahlela futhi ekhala, igazi litsaza phezu kwezandla zalo. Nomkhonzi ngobuqotho wayazi ukuthi lowo kwakufanele kube nguye, kodwa iwundlu lalithatha indawo yakhe. Yilokho uJehova ayekudinga, ngoba kwakuyisifanekiso sikaKristu. Kodwa kanye lokho kwakuqhubeka, kuqhubeka kwaze kwaba yisiko

lomndeni. Babenikela ngewundlu ngokufanayo nje, kodwa kwakungekho buqotho ngakho. UNkulunkulu wathi, "Iyanuka emakhaleni ami."

120 Futhi namhlanje! Iminyaka eyadlula sasivame ukuthola abantu ebuqothweni obujulile nokukhonza. Futhi namhlanje sekuba ngubukhazikhazi obukhulu beHollywood, olunye nje uhlobo lomculo oqeqeshiwe; nabesifazane phezulu emsamo, nezingubo zabo zokugqoka zimpintshe ngokwenele, isikhumba singaphandle, cishe impela, futhi belokhu bedansa phezu komsamo; akukho-buqotho, futhi cishe impela nje bekwenza kube ngamahloni ayinsini uqobo, futhi bezisho ubuKristu. Ngiyamangala ukuthi iminikelo yethu awubanga yini wuhlobo lwephunga elibi ekhaleni laKhe futhi, imehluko yethu!

121 Kungamahloni nje ukuthi isitha sithathe abesifazane bethu baseMelika futhi sabahhundula izingubo, phandle lapho emigwaqeni. Futhi, ngani, yi—yihlazo. Akumangalisi abafanyana namantombazanyana, nezinto, besesimweni esinje njengoba bekuso namhlanje! Bahlala njalo bezama ukulingisa omunye wesifazane phandle lapha eHollywood, ogane kane noma kahlanu. Futhi uyophuma noluny'uhlobo lwe—lwezingubo azigqokile ezinobunqunu, nawo onke amantombazanyana ezweni ayolingisa lokho. Okudabukisa kanje pho! Lokho kubi kakhulu. Yebo, mnumzane. Kubi kakhulu, futhi kungene ebandleni. Isiqiniseko sobumsulwa esihle uNkulunkulu asinika owesifazane, ukuba abe ngumama, soniwe.

122 Nalowo ngumgogodla wesizwe. Wephula ubumama, futhi sewephule isizwe ngayo leyonkathi. Leyo yinto eyodwa esiza ukusihlanganisa ndawonye, ubuzali boqobo bangempela.

123 Ngangikhuluma nomshayeli wetekisi, sehla. Sasikhuluma ngabanye abantwana abangamahlongandlebe enhla lapho. Wayesethi, "Ngicabanga ukuthi ngabazali."

124 Ngathi, "Amen. Mfo, angazi ukuthi ungubani, kodwa usemgwaqeni oyiwo." Ngase ngithi, "Kunjalo." Ngathi, "Kubi kakhulu ukuthi bakhiphe i—iBhayibheli ekhaya, futhi babanika isitaki samakhadi."

125 Nalokho kwaqala ebandleni. Ngangimi esitebhisini esizihambelayo, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule; nowesifazane othize lapho, ekhuluma komunye, wathi, "Awu, uyazi," wathi, "lena yinto emangalisayo, ibandla lethu linikeza idili lamakhadi," nokuthi babezoba nalo kanjani uhlobo lokuBonga lodaba lwekewu, ukuthi babehamba, bephuma ebandleni lamaprotestane. O, he! Ukugembula, ilotho, ukuwaka, imidanso, o, uma sekufika esikhathini lapho abantu bezodingeka benze izinto ezinjengalezo, ukubungaza ibandla!

126 IBandla, elizelwe ngokusha, uMoya oNgcwele ubungaza iBandla, ngokuPhila okuPhakade. Niyabo?

127 Kodwa abantu, abakufuni Lokho, ngoba bahlushwa yinjabulo. Kubi kakhulu ukuthi izinto zenzeka ngendlela ezenzeka ngayo. Kudala, kudala kakhulu, isiqiniseko sobumsulwa esihle sabesifazane nengubo yabo enhle yokugqoka kukhothame phambi kwethempelana likankulunkulukazi waseHollywood. Yiqiniso. Kuyadabukisa nje ukuthi izwe selingene endaweni enjalo. Umgogodla wesizwe sewephukile. Ukukhalela ucansi kaningi kuthathwa njengefeshini, isimodeni; abantu begqoka, bephumela emgwaqeni. Niyazi ukuthi iBhayibheli lathini na?

128 Ngizonitshela, ngangikhuluma ngalokho, ngesiny'isikhathi, futhi kwakukhona umfundisi onodumo wathi kimi, wathi, "Awubashiyi ngani labo besifazane abenza lokho nabasho lokho na?" Ngase ngimtshela, ngasho. Wathi, "Ubufanele ubafundise ukuthi babe kanjani ngabaprofethikazi, nokunjalo, kanjalo."

129 Ngathi, "Ngizobafundisa kanjani ongwaqa bengeke bafunda ngisho noABC babo na?" Njalo kholwa uKristu, niyazi, A-B-C. Futhi ngakho ngathi, "Ungakwenza kanjani lokho na?"

130 Zonke lezizinto nje beziyisibumbatha esikhulu esingenise okokhula ebandleni. Kubi kakhulu singena phakathi kwethu thina bantu bePhentekoste. O, bantu, yimani! Cabangani. Ningahle ningibize ngohlanya manje, kodwa ngoSuku lokwaHlulela niyongixhawula. Futhi ngi—ngiyanithanda ngo—ngothando lokumesaba uNkulunkulu. Futhi ngifuna nibe kahle, bangani. Kusizani ukuthatha noma yiyiphi ishansi ezintweni ezinjengalezo na?

131 Inenekazi lathi kimi, lathi, "Awu, Mnu. Branham, a—abakwenzi, ba. . .yilolohlobo kuphela lwezingubo abazenzela abesifazane."

132 Ngathi, "Basazenza izindwangu, futhi bathengise imishini yokuthunga." Nina—nina, akukho-zaba, niyabo. Kunjalo.

133 Bukani, futhi mangisho into eyodwa futhi, njengale. Niyazi, uma ugqoka kanjalo, futhi esinye isoni emgwaqeni sikububuke ngendlela engafanele, uzophendula ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga nalesosoni. Ungahle ube neziqiniseko zobumsulwa nje kumyeni wakho ngakho konke ongakwenza, ungahle ube neziqiniseko zobumsulwa nje esokeni lakho, wethembeke nje njengoba wazi ukuthi kwethembekwa kanjani, kodwa ebusweni bukaNkulunkulu uyisifebe sasemgwaqeni.

134 Wena uthi, "Kunjalo na? Kufakazise lokho ngeZwi, Mfowethu Branham. Uthe sikubuze noma yini, uma kwakuyiZwi." Yebo, mnumzane.

135 UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe." Futhi uma uziveza kanjalo, uyimbangela yakho. Kunjalo impela. Nakuba umsulwa kuwe uqobo, uziveze wena kulesosoni kanjalo. Uma sesiphendula ngakho, kuyoba nguwe oba necala.

O, zitholeleni izingubo zokugqoka futhi nizemboze, futhi niziphathise okwamanenekazi. Kunjalo.

136 Nani besilisa, nina eniyovumela omkenu benze into enjengaleyo, bagqoke lezo uhlobo lwezingubo, aninanhlonipho yenu noma yakhe, noma yimuphi wenu na? He, uvumele umkakho ahlale futhi abheme osikilidi endlini, futhi awuphafuze! Uyini na? Bese-ke uzibiza ngomKristu na? O, angikuqondi lokho.

137 Wena uthi, "Awu, manje awume kancane, 'Niyakubazi ngezithelo zabo.'" Yilokho engikhuluma ngakho, niyabo. Kunjalo, uma niyithanda iNkosi ngayo yonke inhliziyo yenu!

138 Wena uthi, "Awu, ngifanele ngibabheme nje. Leyo yinjabulo yami." Injabulo yakho?

139 Injabulo yami iseNkosini. Injabulo yenu iseNkosini, uma beningafa ezweni. UNkulunkulu ungukujabula kwami. Ungukuthula kwami. Ungumhlatshelo wami. UnguNkulunkulu wami. Uluthando lwami. Uyikho konke, nakho konke engikudingayo, futhi ngihlangabezana nakho kuKristu. Ukoma! O, he!

140 [Udade ukhuluma ngoluny'ulimi. UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] Hloniphani. Sifanele ukulinda kulezozinto, niyazi. Uma uMoya ukhuluma, ubhobokela emlayezweni futhi ukhuluma kanjalo, kufanele kube nento ethize esemqoka elungela ukwenzeka, niyabo. [Ukuthula kancane. Udade unikeza incazo.] Amen. Amen. Nabantu bathi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."] Niyabo? Niyabo?

141 Manje, khumbulani, uma ngiyizwe kahle incazo, sifanele sixwayise abantu, niyabo, ukuFika kweNkosi. Futhi asibexwayise, ngohlobo olukahle lwempilo emva kwaso. Isizathu, ungeke wakhuluma emadodeni, ephila noma kanjani, bese kuthi-ke uhambe uyoyitshela. Iyazi ukuthi iphila njengoba nawe unjalo, uyabo. Masibe kahle futhi silungele, ngoba ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ufuna sizazi lezizinto nokuba silungele lento enkulu elungiselela ukuba yenzeke. Yebo. Yebo, mnumzane.

142 Ihora, izwe manje liyahlakazeka. Zonke izinqubo ziyahlakazeka. Kungani na? Ku—kuzofanele kuze ngaleyondlela, niyabo. Kungukuthi, "Sibheke uMuzi omenzi noMakhi waWo nguNkulunkulu," nazo zonke lezizinto zasemhlabeni kuzofanele kudede, kuWo.

143 Manje sithola ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukusinika zonke izidingo zethu ebesizidinga, kuloluhambo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kodwa, khumbulani, Ukunikeza kuphela ngemibandela. Sifanele sihlangabezane nombandela waKhe, kuqala. Uma singahlangabezani nombandela waKhe, Akazukuhlangabezana—kuhlangabezana nombandela wethu. Sifanele senze into efanele, kuqala,

sifanele sehlele phansi ekugcineni futhi sakhe senyuke. Kunjalo impela. Singeke saqala esiqongweni bese sehla. Sizofanele sehlele phansi ekugcineni bese sakha senyuke. Sibuyele phansi ekugcineni. Manje, Uzohlangabezana nombandela wethu. Zonke ezezithembiso zaKhe zisembandeleni.

144 Kodwa sizama ukukusho ngamavesi Lokhu, ngamasiko ethu. Sizama ukwenza uNkulunkulu eny'into. "Sizojovela isiko lethu bese sithi kungconywana," noma yileyondlela abantu abazama ukuyicabanga.

145 Manje angikhulumi nje kulelibandla khona lapha, leliqembu labantu. Ngikhuluma ezweni. Kuyateyishwa lapha futhi kuyoya emhlabeni jikelele, esikushoyo.

146 Sifuna izimfuno zethu sinikwe zona, kodwa Usinika izidingo zethu. Lokho, yilowo umehluko. Sifuna izimfuno zethu, futhi Usinika izidingo zethu. Kodwa Uyazi ukuthi yini esiyidingayo. Futhi besingaqiniseka kakhulu impela, izwe belizoba njalo namhlanje, liLemukele uma Liza ngokwesiko lethu. O, amaBaptisti abengathanda ukuthi, "Lihambisana nalokho esiLikholwa ngakho. Niyabo, nonke beninephutha." AmaMethodisti athi, "Manje nina maBaptisti ninephutha, Lihambisana nalokho . . . Lifika ngendlela esaLikholwa ngayo." Kodwa ngibona sengathi Liyofika ngokwehlukile kulokho noma ubani wethu acabanga ngaLo. Kunjalo. Lizofika ngendlela uNkulunkulu aLimisele ukuba lifike ngayo, futhi nje akukho kumuntu ukuba akwazi ukusika lento ayikhiphe bese ethi ingaleyondlela. Manje beninga . . .

147 Siyamangala namhlanje, ini, kungani iziphiwo nezinto kungekho ebandleni, zisebenza ngendlela ezifanele zisebenze ngayo. Ngani, iziphiwo zifakwa ebandleni, ukwehlukanisa nokukhipha isono, ukugcina ibandla lihlanzekile. Siyi—siyisihlungu sikaNkulunkulu esinikwa ibandla. SingesikaNkulunkulu . . . futhi isibulala magciwane saKhe Asifaka ebandleni, ukubulala kuphume bonke o—omancel'igazi a—abahlakaza ibandla. No—no—noNkulunkulu ufutha ibandla laKhe konke, ngeZwi laKhe. Nalokho kugcina yonke i—imihlwa ingaphandle, niyazi, ukuze ibandla likwazi ukukhula, isitshalo. NoNkulunkulu uyazi ukuthi kuthathani ukukwenza. Awu, wena uthi . . .

148 Kufana nje ne—nengane encane ikhalela ireza yakho, kade ushefa. Nengane yakho—yakho encane ibimpompoloza, "Nginike leyoreza, Babayi! Nginike leyoreza!" Indodana yakho encane, eneminyaka emibili noma emithathu ubudala, idazuluka nje, futhi igxuma phansi-phezulu kwiphansi lendlu, "Letha ireza!" Awu, wazi kangcono kunokwenza lokho. Awu, ubungeke wayinika leyongane leyoreza. Ayazi ukuthi iphathwa kanjani.

149 Futhi yingalesosizathu singasazitholi iziphiwo zobuNkulunkulu kunalokho senza. Basiphushela eceleni

kolunye uhlobo lwesiko, ngale kweliny'ihlelo. Abazi ukuthi siphathwa kanjani. UNkulunkulu uyazi ukuthi kwenziwani ngaso. Awu, ungahle uthi . . .

150 Umfanyana angahle athi kuwe, umnqabele ireza, uthi, "Ngiyakubona uyiphatha, Babayi." Kodwa, uyabo, usumdala, uyazi ukuthi kwenziwani ngayo.

151 Futhi yileyondlela uma ibandla liba ngelisuka e—enganeni encane ihamb'icathula, liya kwesangempela isiqiniseko sobumsulwa obuhle ba—bamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, khona-ke izinto zizoba ngezehlukile. Yebo, mnumzane. Ibandla belifanele ngabe liziphathisa okwamadodana namadodakazi. Kanti besifanele sibe ngabafundisi, sifanele sifundiswe.

152 Kuyangikhumbuza. Uma abangane bami abangamakhaladi lapha kulobubusuku, abafowethu nodadewethu, bezoxola ngalesisisho. Eminyakeni eyadlula, ezansi eNingizimu, babevamise ukuthengisa abantu, ngenkathi kusaqhubeka ubugqila ezansi eNingizimu. Futhi babethatha labobantu abampofu, futhi babakhiphe futhi babathengise endalini yokubhida, njengolunye uhlobo lwendawo yezimoto ezingamasekeni. Wawuba nesikweletu sendali.

153 Impilo yomuntu. Akuzange kwaba yintando kaNkulunkulu ukuba umuntu abuse phezu komunye. Okwenziwe ngumuntu . . . UNkulunkulu wenza umuntu, nomuntu wenza izigqila. Sonke sivela emthini ofanayo. Omunye angathekelisa ngegazi komunye, noma ngabe simpofu, simnyama, sinsundu, sibomvu, kumbe noma ngabe siyini. Sonke siyisizwe sika Adamu. Izwe esasiphila kulo, lalishintshe umbala wethu, akuhlangene ngalutho nakho, lutho nhlobo. UJesu wafa ukuba asindise isoni, akunandaba ukuthi sasingubani.

154 Futhi kwakuvame ukuba nabathenga bathengisele abanye abafika, bafike futhi bathenge labobantu. Njengoba nje ubungathenga i-imoto, bafika bese bethenga imoto eyisekeni; bayithathe, bayithengise ndawondawo. Babefika emahlathini okutshalwa futhi bathole lababantu abampofu phandle lapho, bese beqalaza, bese bethola ukuthi yimuphi okwakuyizisebenzi ezikahle, nabesilisa nabesifazane abakhulu abaqinile. Futhi babebathengisa, bathathe abesilisa abakhulu abaqinile babazalanise nabesifazane abakhulu abaqinile, njengoba ubungenza ezinkomeni noma enye into, ukuthola esikhulu ngokuthe xaxa, isigqila esiqatha. Ngiyamangala ukuthi ini . . . Isihogo siyogcwala lolohlobo, i—into enjalo! Futhi nampa babekhona, umama omdadlana nezingane zakhe, ekhala, umyeni wakhe ethengiswe endalini yokubhida. Kwakwesabisa.

155 Bese kuthi into yokuqala niyazi, lona oyedwa othenga athengisele abanye wafika ehlathini elitshalwayo wayemdala,

ngoluny'usuku, futhi wayebuka izigqila ngaphezulu. Wayesethi, "Unezingaki na?"

Wathi, "O, cishe sinamakhulu amabili phandle lapho."

156 Futhi ngakho wasibhekisisa, nabantu babedabukile. Babekude nekhaya labo, abathandekayo babo. Babelethwe besuka eAfrika lapha, futhi bangeniswa ngamaBhunu, futhi bathengiswa ezansi lapha eNingizimu, futhi ba—babazi ukuthi babengasoze babuyela ekhaya. Ba—babephelile. Babengasoze babuyela emuva. Futhi babedabukile. Futhi u . . . Babengakwazi ukubenza basebenze, cishe impela. Abazange. Babedinga bababhaxabule, nayo yonke eny'into, ukubenza basebenze, ngoba babazi ukuthi babengasoze babuyele ekhaya. Ubabayi wabo wayelaphaya, mhlawumbe umama lapha nobabayi laphaya, futhi mhlawumbe abantwana lapha noyise ndawondawo. O, kuyesabeka.

157 Futhi ngoluny'usuku lona othenga athengisele abanye wafika futhi ebuka lesisigejane sezigqila, futhi waqaphela kwakukhona esinye salezozigqila ezisencane phandle lapho ababengadingi ukuba basibhaxabule. Sasiqhoshise isifuba saso, nesilevu saso sibheke phezulu; sasihambahamba, sasikahle impela. Nothenga athengisele abanye wathi, "Awusho, ngifuna ukuthenga lesiya."

Umniniso wathi, "Kodwa asithengisi."

Wathi, "Ngani?"

Wathi, "Ngifanele ngisigcine."

Wathi, "Sifanele ukuthi singubasi phezu kwazo zonke ezinye."

Wathi, "Qhabo, qhabo. Asisuye ubasi."

"Awu," wathi, "mhlawumbe usiphakela kangcono."

Wathi, "Qhabo, zonke zidla phandle lapho emkhunjini wempi, ndawonye."

158 Wathi, "Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka kuzo zonke ezinye izigqila na?"

159 Wathi, "Kwakuhlala njalo kungimangaza lokho uqobo lwami, kwaze kwathi ngoluny'usuku ngathola." Wathi, "Phesheya ekhaya lendabuko lapho esivela khona, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba singowezizwe, sisalokhu sazi ukuthi siyindodana yenkosi. Siziphathisa okwayo."

160 O, uma singamadodana namadodakazi eNkosi, iNkosi yamakhosi, isimilo sethu asisiphathise okwamaKristu. Kunjalo. Yebo, singabezizwe, singabahambi futhi singabafokazi lapha. Leli akusilo izwe lethu. Sifuna uMbuso ozayo. Leli akusilo ikhaya lethu. Noma sishukunyiswa futhi kuhlekiswa ngathi, yizwe, futhi sibizwa nga*lokhu*, *lokho*, no*kunye*, ne "feshini endala," nakho konke kanjalo, unandabani? Awufuni

ukuzifanisa nolunye uhlobo lwengcweti yamabhayisikobho, noma enye ingcweti yetelevishini, noma into ethize. Uyindodakazi kaNkulunkulu. Uyindodana kaNkulunkulu. Asenze njengoNkulunkulu. Singabantwana bakaNkulunkulu, siyazi, futhi singamadodana namadodakazi eNkosi. Makuthi isimilo sethu sibonise uBukhona baYo, akunandaba ukuthi kuba mahhadlahhadla kanjani.

Ithende noma ikhoteji, kungani ngibe nendaba?
Bangakhela isigodlo Laphaya!
Esinamarubi namadayimane, sesiliva negolide,
Ibhokisi laKhe ligcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.

Singabantwana beNkosi!
NoJesu uMsindisi wethu,
Ngingumntwana weNkosi!

161 Asiziphathe njengoBaba wethu. Sazi, ngoluny'usuku, siyoya ekhaya ukuba sibe naYe. Yebo. Yebo.

162 Bona, bafuna uMesiya, kodwa bakufuna phansi kwemibandela yabo uqobo. Ya, bafuna uMsindisi, bamfuna, futhi bakufuna manje ngendlela efanayo, ngesizathu esifanayo, ngokuba ezamahlelo nezombusazwe sekuthathe indawo kaMoya oNgcwele. Abefundisi, esikhundleni sokuba yi. . . Abaningi kakhulu babo baholwa ngezo—zombusazwe wezenkolo, esikhundleni sokudedela uMoya oNgcwele ubahole. Niyabo? Elinye ibandla liyobanika umnikelo ongconywana, noma okunye okuthize, futhi basuka bahambe, ukuba bathole uphaphe esigqokweni sabo, noma into efana naleyo. Kodwa, lokho, lokho kubi kakhulu. Besifanele siholwe nguMoya oNgcwele. UNkulunkulu wathumela uMholi wangempela weBandla, nalowo nguMoya oNgcwele.

163 Inqubo yethu yezemfundo, emabandleni ethu, isihole yasidedisela kude le noBukhona bukaNkulunkulu. Kubi kakhulu ukuthi sikhiphela abafana bethu (ngikhuluma ngamaPhentekoste manje) emakholiji nezinto, babachamselisa okwamachwane omshini wokuchamselisa. Kunjalo. Ngangihlala njalo ngilidabukela ichwane elachamselwa ngomshini wokuchamselisa, a—alichamselwanga kahle. Liyatshiyoza, futhi alinamama elingaya kuye, lakhiqizwa nje ngomshini omkhulu wokuphatha. Yileyondlela ababonakala bengabashumayeli abakhiqizwayo namhlanje, nolunye uhlobo lwesiqu sobudokotela, futhi bamthumele ebandleni. Futhi ngezinye izikhathi akazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu belingazi ngobusuku baseGibhithe.

164 Esikudingayo namhlanje ngenhle eyifeshini endala, indawo yehlathi lasendle, yesibhakabhaka esil'hlaza, inkolo ebulala

isono, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele ibuyele ebandleni futhi; ehlanzayo, eqondise okombhobho wesibhamu, inkolo yesibhakabhaka esil'hlaza. Sidinga ukuhlanza, nokuqala konke kabusha. Lelo yiQiniso.

165 Bandla, angisangene. Ngingahle ngihlanye, njengoba ngishilo ebusuku bayizolo, kodwa ngi—ngizizwa ngikahle ngalendlela. Angikaze ngizizwe ngalendlela ngenye indlela, ngakho ngi—ngithanda nje ukuhlala ngalendlela. Yebo, mnumzane. Ngalahlekelwa ngumqondo; ngadingeka ngilahlekelwe, ukuba ngithole umqondo kaKristu. Lonke elinye ikholwa lizofanele, kunjalo, lizofanele lithole umqondo kaKristu, ngokulahlekelwa ngumqondo wethu uqobo.

166 Inqubo yezemfundo isisusile. Ngakhe edolobheni lasekholiji, lapho iYunivesithi yaseArizona ikhona. Futhi ngangisho, ngicabanga lokhu, yini isayense engakwenzela yona na? Bangathatha into ethize, futhi bathi, "*leli* laliyiminyaka engamakhulu angaka eyadlula," manje sebethole ukuthi lalingesiyo iminyaka engamakhulu angaka eyadlula. Abakabi nayo neyodwa into okwamanje, ngokwesayense, efakazisa ukuthi izwe lake laba nokuphila kulo, kwanoma yikuphi ukwedlula iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha. Bacosha ithambo, futhi babevame ukuthatha izilinganiso ezehlukene futhi basho ukuthi lalikanjani. Manje, abakwazanga ukukuvuma. Usolwazi omkhulu ngobunye ubusuku, wasukuma lapho eArizona, wayesethi, "Bangeke bakusho, qhabo, kodwa bathola ukuthi ubudala bethambo bebungenxa yesihluzi ikloraydi isenza mhlophe nezinto emanzini, kanti futhi usawoti waliguqula lanjalo, futhi walenza laba lidala. Ngokoqobo kwakungesiso isikhathi esikwenzile." Amen.

167 IZwi likaNkulunkulu lisalokhu lihlezi liyilo njalo izolo, namuhla, naphakade. Abasoze bakwazi ukulifakazisa ukuthi aLinjalo. Yileyonto eyobamba izwe lonke libe ndawonye; hhayi inqubo yezemfundo. Noma yini ozithathela yona esikhundleni saLelo, ngumnyakazo womphiki-kristu; kunjalo impela, kumelene nemigomo kaKristu. Buyelani eZwini, noKristu uyiZwi! Yebo, mnumzane. UyiZwi elenziwe inyama futhi lakha phakathi kwethu.

168 Imfundo ingeke neze yasinika ukuPhila. Imfundo ingeke neze. Isayensi ingeke yasinika ukuPhila. Izwe lingeke lasinika ukuPhila. Ibandla lingeke lasinika ukuPhila. Isayensi yezenkolo ingeke yasinika ukuPhila. Yinye kuphela into engakunika ukuPhila, lowo nguKristu. UngukuPhila, ukuPhila okuninginingi!

169 Ngesinye isikhathi esedlule, edolobheni laseCanada, ngangenyuka ngesitebhisi esizihambelayo. Futhi babenesigejane sabaseMelika phezulu lapho, futhi kwaku—kwakuhlobo oluthize lomhlangano. Ngeke ngilibize igama lawo, ngoba kungahle

kubekhona omunye kulelodlangala elithize, phakathi lapha, futhi ngingethande ukulimaza imizwa yenu. Kodwa babenyuka nge—nge—ngesitebhisi esizihambelayo, ehhotela elikhulu. Futhi nganginomhlangano lapho. Futhi wawungeke ukhwele esitebhisini esizihambelayo, kul'khuni, ngenxa yamabhodlela kawiski nezinto. Ngase ngithi ku—kumfana wesitebhisi esizihambelayo, ngathi, "Yini yonke le?"

170 Wathi, "AmaMelika usivakashele kulobubusuku." O, bakithi, amaningi awo! Ngase-ke ngehla.

171 Lapho sehla e—esiteji noma i—ikhesi elincane, noma isitebhisi esizihambelayo, njalo, ngase ngiqala, ukuphuma kwakunehholo, futhi kwakunabesifazane abasebasha ababili bemi ezansi lapho begqoke nje izingubo zabo zangaphansi. Babenebhodlela likawiski esandleni sabo, futhi babephuza. Base beqala ukwehla, namadoda adakiwe ephuma endlini, edakwe kakhulu, noma amakamelo amancane, ezama ukubabamba futhi behhundule izingubo zabo zokugqoka. Futhi kwakuyinto ebukeka inamanyala. Futhi behla, futhi ngavele nje ngagwaca ngahlehlela ehholo elincane futhi ngalinda baze bedlula, umnyango omncane, base bema phambi kwami. Nabesifazane ababukeka bebahle, futhi babemi lapho begqoke nje isiketi sabo esincane sangaphansi, zonke izingubo zokugqoka ababenazo. Bathatha lelibhodlela, futhi bezama ukuthelana ngalo. Omunye wenyusa ingubo yakhe yangaphansi yenyuka ngakho konke ayengayinyusa ngakho, waphosa umlenze wakhe emoyeni, wayesempompoloza, "Wuu, lokhu ngukuphila!"

172 Angibange ngisakwazi ukukumela. Ngaphuma, ngase ngithi, "Dade, uxolo. Lokho ngukufa. Lokho ngukufa."

Wathi, "Woza uzophuza."

173 Ngase ngithi, "Awume kancane." Ngathi, "Uthe lokho bekuwukuphila." Ngathi, "Lokho ngukuphila okuphendukezelwe. Uzamelani ukwenza into enjengaleyo na?" Ngithola ukuthi . . . Ngathi, "NginguMfundisi weVangeli. NgingumMelika, nami. Futhi nginamahloni ngawe. Nginamahloni ngawe uzibiza ngomMelika, futhi phezulu lapha kanjalo." Ngithola ukuthi, omunye wabo wayenguthisha kaSonto-sikole, wayeseqala ukukhala.

174 Kuqala baqala ukugijima, ngase ngibadumela bobabili ngesandla. Babedakwe kakhulu abakwazanga ukuphunyuka. Ngathi, "Lindani, sizokhuleka khona lapha."

"Kukhona indlela ebukeka iyinhle."

175 Awu, wena uthi, "Banokuzijabulisa okuncane nje okuhlanzekile." Ukuzijabulisa okuncane okuhlanzekile? Lutho! Leyonto ayi . . . Angikhathali ukuthi unguthisha kaSonto-sikole kangakanani. Uma leyonto isenhliziyweni yakho, uNkulunkulu angehlale kuleyondawo engahlanzekile. Esikudingayo yimvuselelo yobungcwele obuyifashini endala eshanela ibandla,

kusukela ekugcineni kuya kokunye. Yebo, mnumzane. Asikwenzi lokho. Lokho akufanele kuvunyelwe. Kodwa ngamaMelika enokuncane "ukuzijabulisa okuhlanzekile," bebeka isibonelo njengesizwe samaKristu. O, he! Inqubo yezemfundo, lokho akusikho ukuPhila. Lokho ukufa.

176 Yini eyenza umuntu enze lokho na? Bakwenzelani na? Yini eyenza izwe lenze ngendlela abeza ngayo na? Ngoba benqaba Lokhu. Kunendawo ethize encane enhliziyweni yomuntu, eyomele uNkulunkulu. Indawo encane, umuntu wenzelwa ukuba ome. Nihlelwe kanjalo. Yilokho okukwenza uphuze, yilokho okukwenza wenze lezozinto, yingoba kukhona into ethize kuwe ethandiswa ukweneliseka, ukoma. Futhi uNkulunkulu uyenqaba ukuthi umuntu uyozama ukwenelisa nokuthulisa lokho kubiza okungcwele kukaNkulunkulu ngesibambiso udeveli ayomnika sona! Awunalungelo lokwenza lokho. Lowo nguNkulunkulu ebiza wena. Lezozinto ukoma kokufa. Futhi uma ungayikumthatha uKristu phakathi lapho ukuba agcwalise swi lokho, udeveli uyokunika isibambiso sokufa kukho. Kunjalo. Awunalungelo lokwenza lokho. Unesibindi kangakanani noma yimuphi wesilisa noma owesifazane ukuba athulise lokho kubiza okungcwele phakathi lapho, kokubiza kukaNkulunkulu. Futhi ngoba aniyiKukwamukela, khona-ke udeveli uyobona ukuthi kweneliswa ngenye into ethize.

177 Yilokhu okukwenelisayo. "IZwi likaNkulunkulu ngilifihlile enhliziyweni yami, ukuba ngingoni kuYe." Kunjalo. UNkulunkulu enhliziyweni, yilokho okuxazulula umbuzo. Yebo, mnumzane.

178 Isayense ngeke yakunika ukuPhila. Imfundo ngeke yakunika ukuPhila. Ihlelo ngeke lakunika ukuPhila. Izikole ngeke zakunika ukuPhila. Isizwe ngeke sakunika ukuPhila. Ibandla ngeke lakunika ukuPhila. NguNkulunkulu kuphela ongakunika ukuPhila. Nguye ngukuphela ongakwenza.

179 Manje sibona ncamashi lokho umprofethi athi kuyofezeka ngalolusuku. Umprofethi, uPawulu, kuThimothewu wesiBili 3, sithola ukuthi isikhathi sasiza lapho ibandla liyoba ngeli, "Namawala, elikhukhumele," elingusiyazi, niyabo, "elikhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabangathandi okuhle."

Wena uthi, "Lokho ngamakhomanisi." Qhabo. Qhabo.

180 Lokho ngamaKristu azishoyo. Lalelani, fundani ivesi elilandelayo. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla akho bewaphika; labo-ke wobagwema." Bexwayiswa ukugwema abanjalo ophika Amandla okuvuka, bephika ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo! Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

181 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Lesisithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Ungowalokho-ke uMoya oNgcwele. Uma nje uNkulunkulu esabiza, uMoya oNgcwele uselapha ukugcwalisa zonke izinhliziyo uNkulunkulu azibizile.

182 Kodwa sibambisa ngenye into. Sizama ukwenelisa lowomuzwa, ngo—ngokujoyina ibandla. Uthulisa nje lowomuzwa, ngokwenza lokho. Awenelisekile ngalokho. Lokho ngeke kwenelise.

183 Yinye kuphela into eyokwenelisa, lokho kungenkathi uKristu engena empilweni yomuntu, ngokuba Wenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, futhi wenziwe ngomumo kaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu akakunikanga loluhambo lapha emhlabeni, ukuba ube yi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa ukuba yindodana nendodakazi kaNkulunkulu. Futhi akukho okunye okuyokwenelisa. Yileyonto kuphela eyobamba izwe lethu—lethu libe ndawonye. Futhi singathathi umnotho wethu owenziwe ngumuntu, kodwa sithathe umnotho kaNkulunkulu nendlela yaKhe yokuwenza ngeZwi laKhe. Lokho kuyowubamba ubendawonye.

> YileloGoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
> Injengakulokho ngaPhezulu.

184 Kunjalo. Izwe elikudingayo namhlanje ngenhle endala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele; neBhayibheli, uMoya oNgcwele ubuye futhi; lapho uMoya kaNkulunkulu wehlela phakathi kwabantu, nezibonakaliso nezimanga zibonakala, njengezinhlansi zisuka ensimbini yokucangcathela. Yebo, mnumzane, siyayidinga. Yilokho esizofanele sikubambe sikuhlanganise.

185 Manje-ke sibheke uNkulunkulu ukuba ahlangane nathi emasikweni ethu. O! Ukuvimba izwe lingahlakazeki, siMbheke ukuba eze enqubweni yethu.

186 Manje yilokho impela abakucabanga emuva lapho, "Manje uma uMesiya efika kulonyaka, sinompristi omkhulu okahle, uKayafase. SinoLavinski, bonke lababapristi ngapha, niyabo, amadoda akahle. Sabafundisa esikoleni, sabafundisa esikoleni. Bayazi ukuthi bakhuluma ngani."

187 Kodwa uma Efika, Wabedlula bonke. Akazange athinte ngisho nenqubo yabo. Ngaphandle kwalokho, Wathi, "Ningabakayihlo, udeveli, futhi nenza imisebenzi yakhe. Nina nzalo yezinyoka otshanini," Wathi, "Ubani onixwayise ukubalekela ulaka oluzayo na?" Bhekisisani iZwi likaNkulunkulu liphuma kulokho kusola. O, akuhlangana

ngempela nokunambitha kwabo kwesayensi yezenkolo. Futhi bekungeke namuhla, noma yikuphi. Akukwenzi.

188 Ngenkathi beMbona emi lapho futhi enza isibonakaliso somProfethi, ukubonisa ukuthi WayenguMesiya, bathini na? "UnguBelzabule. Lowo ngumoya omubi ophezu kwaKhe."

189 UJesu wathi, "Lokho ngukuhlambalaza. Futhi uma uMoya oNgcwele efika, futhi nikhulume nimelane naLokho, akusoze kwathethelwa kulelizwe noma izwe elizayo."

190 Kodwa niyayibona inqubo namhlanje na? Yinto efanayo. Senze inqubo yethu uqobo, yingalesosizathu inqubo yethu ingasoze yalibamba lelizwe libe ndawonye. Bangahle bakhethe uMongameli noma uAbraham Lincoln kuwo onke amazwe eUnited States, futhi akusoze kwalibamba libe ndawonye, size sibuyele eZwini likaNkulunkulu, sibuyele eBhayibhelini eliyifeshini endala elimnyama ngemuva elineQiniso. Yileyondlela kuphela esiyokwazi njalo ngayo uNkulunkulu futhi sigcine izwe lethu lindawonye, ngukubuyela emigomweni kaJesu Kristu, kubuyelwe eMfundisweni yaKhe, kubuyelwe kuMoya oNgcwele futhi uhola iBandla.

191 Yingakho iQiniso liphathwe kakhulu ngokungesikho ngalolu izinsuku zokugcina, yingenxa yokuthi nxa uNkulunkulu ezama ukufaka uhlelo lwaKhe, nabantu sebevele bazihlelele bona baqhela entweni enjalo. Bakha uthango ukuze uMoya oNgcwele ungangeni lapho, bemgcina eNgaphandle. Sifuna uNkulunkulu ukuba asisindise kuso impela i—isimo esikuso. Yileyondlela engicabanga . . .

192 Nina bantu bePhentekoste, naqala kuphi na? Senake nayifunda iAzusa Street, imishini; senake nafunda ngaphambi kokuba uMkhandlu oMkhulu uze uqale na? Abantu bePhentekoste babaziwa ngoba baphuma kulawo mahlelo, futhi behlukana. Yilokho ababeyikho. "Phumani phakathi kwabo," babevame ukukushumayela lokho ngasosonke isikhathi, "yehlukanani, usho uNkulunkulu. Dedani kulawo masiko omuntu." Futhi wenzani na? Waphendukela emuva ngqo wayesebuyela ekubhixeni okufanayo eniphuma kukho. Manje, nihlukanisiwe; omunye ibandla likaNkulunkulu; nomunye, uyi*lokhu* noma *lowo*, *lona* noma *lowo*. Nehlukanisiwe, futhi niqophisana. Gqabulani lowo mkhawuko!

193 Ngenkathi ngiqala ukungena enkonzweni, ngangicabanga ukuthi yonke into eyayiyiPhentekoste yayiqembu elilodwa. Ngithola ukuthi, babehlukene kabi njengamaBaptisti. Into engayenzayo ngukuma ngqo maphakathi nabo bobabili, ngithi, "Singabafowethu, yilokho kuphela." Kunjalo. Inqobo nje uma nisadubulana, uSathane akadingi ukunidubula. Kodwa ake kugqashuke lowomkhawuko, bese nendlala amathende enu phandle le ngaleya, bese ningenisa wonke umfowenu, ke, ngiyanitshela, impi enkulu kaNkulunkulu iyovuka ngaMandla

kaJesu Kristu, ibuyele eBhayibhelini. Futhi nikhuluma ngeBandla lomusa wohlwitho, uyofezeka uma singadiliza amasiko ethu, sikhohlwe yizozonke izinto zamahlelo ethu, bese sibuyela emuva ngqo ezisekelweni zeZwi likaNkulunkulu.

194 Kodwa sifuna uNkulunkulu asisindise esimweni esiyiso. Sifanele sihlangane nesimo saKhe. Niyabo, asikwenzi, asihlangani kwezethu; phezu kwezaKhe! Sifuna uNkulunkulu ukuba asisindise kuyona impela into a—a Yena. . . Konakele. Makube nguNkulunkulu! Buyelani eZwini, futhi nithandane. Yileyonto kuphela engakwazi ukuyenza.

195 UNkulunkulu usithumela abaprofethi, futhi—futhi siyababulala, ngokufanayo impela nje njengoba uJesu athi bayokwenza. Khona-ke siyathola, emva kweminyaka eyikhulu noma amabili, noma iminyaka eyikhulu, noma iminyaka engamashumi amahlanu, uNkulunkulu uyosithumelela umprofethi, noma isithunywa, futhi, into yokuqala niyazi, siyomgxeka futhi simbulale. Khona-ke emva kwesikhashana, emva kokuba esefile, niyazi, emva isikhashana, ibandla liyovuka. Bayokwenzani na? Bayothi, "Awu, sizokwakha ihlelo phezu kwalokho." Yilokho okwenzeka kumaMethodisti, amaBaptisti, futhi nonke, nakhe ihlelo. Nento yakho ingukuthi, emva kokuba esefile, nomlayezo wakhe usuphelile, sesivele siphila ngale kwenye indawo. Bese ubuyela lapho, umlayezo wakhe wangalolosuku, futhi nizama ukubuyela lapho futhi nihlobise ithuna lakhe, kanti lapha Liqhubeka ngqo lapha ngasosonke isikhathi. Niyalikhohlwa ihora!

196 Njengabantu. Abantu njalo badumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenza, futhi baMdumise ngalokho Ayokwenza, futhi bekushaya indiva Akwenzayo. Leyo—leyo, leyo yindlela yomuntu nje. Ubehlala njalo enza lokho. Ucabanga ngalokho Akwenzile, aMbonge; akholwe ukuthi Uzokwenza into ethize phandle *lapha*; kodwa akukhohlwe ukuthi Uyakwenza, ngaso sonke isikhathi, khona lapha! Uhlala njalo engakunaki. Lowo ngumsebenzi kadeveli, kuye ukuba akwenze ngaleyondlela. Yebo, mnumzane.

197 Amasiko ethu! Yebo, mnumzane. "UMesiya," bathi, "kungokwesinye isizukulwane, into efana naleyo. Wayesemuva lapho." Nguyena izolo, namuhla, naphakade!

198 Ekufikeni kwaKhe kokuqala, uJesu, izwe lonke lalonakaliswe ngezombusazwe nezinkolo. Bonke babekhalela uMesiya. Babefuna Ogcotshiwe. UIsrayeli wayefuna okuthize, neRoma yayifuna okuthize, nabobonke abanye.

199 Yinto efanayo namhlanje. Thina sonke, ngamunye, sifuna usombusazwe. Sifuna into ethize namhlanje.

200 Manje, namhlanje, iRashiya ifuna umesiya. IRashiya ifuna umesiya ozowayisa enyangeni ngokukhulu ukushesha, afike lapho ngaphambi kokuba bonke abanye bafike.

Yilokho iRashiya ekufunayo. Afuna lolohlobo lukamesiya, esinye isihlakaniphi, omunye umfo oyi—oyi—oyisihlakaniphi sesayense, futhi sizokwazi ukuthi unqotshwa kanjani umkhathi ongaphandle bese siwelela lapho bese sigxumeka iflege laseRashiya ngaphambi kokuba amaMelika akwazi ukufinyelela lapho. O, a...Afuna umesiya wawo. Azama ngawo onke amandla awo ukuba avuse esisodwa. Kulungile.

201 Yenzani iMelika na? Ufunani, Melika na? Ukhala kakhulu kakhulu. Ufunani na? Kade ufuna i—isihlakaniphi esifundile. Kade ufuna isihlakaniphi sezombusazwe. Usunakho. Nakuba wadingeka uqambe u—umshini wokuvota owenziwe ngobuqili ukukuthola, kodwa usunakho. Kunjalo. Izwe lifuna...Yilokho elikufunayo, manje uzokwenzani ngakho na? Ubufuna ukukhombisa ukuthi ubuhlakaniphe kanjani. Uze wazifaka ngisho nakwithelevishini, ukukhombisa ukuthi esinye singasedlula esinye ngokuhlakanipha, futhi wathatheka kukho. Uyabo? Usunakho, manje sikuholela kuphi—kuphi na? Emuva ngqo eRoma, kusobala. Ukubonile, khona manje.

202 Wena, bandla, ufuna isihlakaniphi. Ufunani na? Ufunani, lifunani ibandla na? Ufunani na? Ufuna ohlakaniphile, ofundile, umfundisi oyisihlakaniphi, ukuba avuke, onganqoba kangcono kunoBilly Graham, ukubathatha bonke babuyele ehlelweni lakho. Unamakholiji nezinto, uzama ukubachamusela. Uyabo, kunjalo. Ungahle ungacabangi ukuthi lokho kuqinisile; kodwa, buka, isenzo sakho—sakho sikhuluma kakhulu kunamazwi akho. Ufuna i—ufuna isihlakaniphi sezenkolo, leso esingakuhola, ihlelo lakho, phezu kwabo bonke; ugxobe ukhiphe amaBaptisti, ugxobe ukhiphe iMethodisti, ugxobe ukhiphe iOneness, ugxobe ukhiphe uMthathu-omunye, yonke into, uhambe phezu kwakho konke kwakho. O, ucwenga izwe nje phansi, uzama ukusithola. Yilolohlobo olufunayo.

203 Kodwa uyazi ukuthi udingani? Udinga uMsindisi, yilokho impela nje okudingayo. Futhi yilokho uNkulunkulu aziyo ukuthi uyakudinga, nguMsindisi, futhi UKuthumela khona. Kodwa ngabe bayaKufuna na? Qhabo, mnumzane. Lokho akukweneli okwabo—kwenele ukunambitha kwabo kobufundisi. Akusebenzi nje ngaleyondlela kubo.

204 Kodwa izwe lonke lifuna isihlakaniphi sabo. Manje-ke ukuba iRashiya ibithole umesiya wawo, manje-ke kuthiwa ngathi na?

205 Niyazi, iJalimane amthola owawo, kungekudala, nabaningi benu bafana baseMpini yokuQala yoMhlaba uyamkhumbula lowo kahle kakhulu. Niyabo, amthola. Aniludingi lolohlobo lukamesiya. Kwakusendleleni engesiyo. Kwakuyinto engesiyo. Kwakuphambene neZwi likaNkulunkulu.

206 Cabangani nje, uNapoleon, eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, wayesenqobe izwe, futhi wafa

ekwehlulweni. Wafa ekwehlulweni. Wayengumenqabeli ngenkathi eqala ukuvuka, nempumelelo yakhe enkulu yamletha; futhi wafa, engohlulwa wuphuzo, izifebe eziyizinkulungwane eziyisikhombisa zilandela impi yakhe. Futhi wafa eniminyaka engamshumi amathathu nantathu ubudala. Futhi wazama ukunqoba izwe, kodwa wakwenza ngendlela engesiyo.

207 Kodwa uJesu Kristu, eneminyaka engamashumi amathathu nantathu, wayesenqobe izwe, ukufa, isihogo, ithuna, wa—wayesenyukela Phezulu. Ngani na? WayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Lowo nguMesiya wethu! Amen. Impela. Bahlala njalo, sifuna u—sifuna uMesiya, kodwa sikufuna ngendlela . . .

208 Ngizodingeka ngizeqe ezinye izinto engizibhale phansi manje, siya ngokuba leyithi kakhulu. Si—sizodingeka sikweqe okunye kwakho.

209 Kodwa izwe lifuna—lifuna umesiya wabo. Izwe lifuna oyedwa. Ibandla lifuna oyedwa. Futhi uma ke uNkulunkulu ebathumela oyedwa na? Uma uNkulunkulu athumela uMesiya, Ubeyoba yini na? Ubengebe ngusombusazwe wezenkolo. Ubengebe yisiqhwaga esihlakaniphile, njengoba singakubiza kanjalo. O, qhabo.

210 Ubeyoba yini na? Ubeyofana namaHeberu 13:8, ofanayo Ayeyikho. Ubehlala enjalo. Ubeyoba yiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Kuyilokho impela. WayeyiZwi likaNkulunkulu; UyiZwi likaNkulunkulu; uYoba yiZwi likaNkulunkulu kuze kube phakade. Ngisho noku—kumenyezwa kokuFika kwaKhe, kwakungababaprofethi njalo eleza kubo iZwi. Lapha iZwi lifika ngokugcwala.

211 Futhi manje uma Ubengafika futhi namhlanje, Ubeyoba yi—yiZwi likaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo, iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiweyo, uNkulunkulu ephila phakathi kwethu. Lowo nguMesiya. Wakwethembisa. Amen. Ubeyoba yileyoNsika yoMlilo futhi. Ubeyoba nguMesiya ofanayo owahola uIsrayeli. Amen. Ubeyoba nguMesiya ofanayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Impela, bebeyoLenqaba njengoba babehlala benza. Impela. O, ngoba bafuna ukwakha isizwe esikhulu.

212 Sifuna ukwakha umzimba webandla elikhulu. Namhlanje, sicabanga ngokuthi, sifuna ibandla elikhulu elingujikelele. Kulungile, nizolithola. Nanifuna ibandla elihlangene. Nizolithola. Nizolithola. Balifunelani kanjalo na? Uma uMesiya ubengafika, Ubengeke neze amise into enjalo ngokuhlelekile. Ubeyomelana nayo. Impela, Ubeyomelana. Kodwa bayifunela ini, sizathu sini sokuba izofanele ifike ngaleyondlela na? Bafuna indoda eyodwa engasukuma futhi iphoqelele yonke into. Nizoyithola, kunjalo impela. Nizoyemukela, ngoba iyeza. "Enye iyofika, futhi niyoyemukela," uJesu washo. Futhi bazokwenza,

bazoyemukela. Kungani befuna ukwenza lokho na? Abantu bayafuna, izinto ngendlela engeyabo uqobo.

213 UMesiya ubeyofika, Ubeyovele nje ahluthe izimpaphe kini. Nikhuluma ngomunye umshumayeli ehlinzela phansi abesifazane nebesilisa, Ubeyobahlinzela phansi ngempela. Wakwenza ngenkathi Efika; Wathi, "Nina nzalo yezinyoka, nina zinyoka otshanini, ningabakayihlo, udeveli." Uma lowoMesiya ubengabuya ngalesisikhathi esonakele, Ubeyokwenza into efanayo futhi. UNkulunkulu ubeyoqinisekisa umsebenzi waKhe njengoba nje Enza ekuqaleni, nohlobo olufanayo lwezibonakaliso nezimanga. Impela Ubeyokwenza, uma Ebuyile futhi. Uma sinalowoMesiya, sibe njengoba nje Wayenjalo ngesikhathi sokuqala, ngoba bekungeke kwaba ngenye into. IBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uhlala njalo eyiZwi.

214 Kodwa sifunani na? Besingelufune lolohlobo lukaMesiya. Qhabo, qhabo. Sifuna ukuba yinto ethize enjengezwe. Futhi abantu abazama ukukwenza, bafuna uMesiya oyoba yekela baphile futhi—futhi benze noma yini abafuna ukuyenza, futhi baziphathise okwezwe futhi baphile ezweni, futhi babe besalokhu bebambe ukuvuma kwabo kobuKristu. Kunjalo. Ungeke wakwenza lokho! "Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini," uJesu washo. Yebo, mnumzane. Kodwa yilolohlobo lukamesiya izwe elilufunayo. Yingalesosizathu bengeke bamemukela uMesiya kaNkulunkulu. Aliyikukwenza.

215 *Yilona* uMesiya waKhe, impela, iZwi laKhe linguMesiya waKhe. LowoMesiya kuwe wenza imisebenzi iZwi elithi kuyayenza. Liveza uKristu, ngoba uKristu ukuwe. UkuPhila kwakhe kukuwe, futhi Lenza nje khona impela Afanele ukukwenza, njengoba Ayehlala njalo ekwenza; indlela efanayo Akwenza ngayo, izinto ezifanayo Azenzayo, ngoba Uyafana. Lowo nguMesiya uNkulunkulu amthumayo.

216 UMesiya izwe elimfunayo, ubavumela nje benze noma yini abayifunayo, futhi bedlule, "O, kulungile." O, lababesifazane ezweni lonke! Laba, uyakufuna. Ya, wena, wawukufuna. Ufuna ukugqoka kwakho kwaseFransi nazozonke izinto ezinkulu. Unakho. UnoAhabi noJezibeli wesimodeni, futhi kulungise ibandla. Kunjalo. Angikhulumi ezombusazwe. Ngikhuluma iQiniso. Uyazi ukuthi lesisizwe sinjengoIsrayeli nje ngqo na? Senze into efanayo.

217 UIsrayeli uyangena futhi waxosha abahlala kulesosizwe, futhi walithatha. UNkulunkulu wabanika lona. Futhi benzani na? Baxosha abahlali esizweni, futhi balithatha. Kuqala, babenamakhosi amakhulu, njengoDavide noSolomoni. Futhi emva kwesikhashana, nakho kuvuka umuntu, owayebizwa ngoJezibeli . . . noma—noma uAhabi, futhi washada

uJezebeli, futhi wayengomunye walezizimukanandwendwe ezincane ezipenda ubuso. Futhi, ngenkathi ekwenza, nguye owayemlawula. Wamtshela ukuthi akenzeni. Kwakungahle ukuba wayeyinhloko, kodwa wayeyintamo futhi wamtshela ukuthi akenzeni.

218 Futhi uma lesisizwe singenzanga yona impela into efanayo, into efanayo! Singenile lapha futhi saxosha amaNdiya. Sibe noWashington noLincoln. Kodwa sinani namhlanje, ngokuvota kwethu uqobo, nezombusazwe nezinto na? Sihlele inqubo, esibaleke kuyo futhi senze isizwe ngayo lapha, siyibuyisele emuva phakathi lapha ngoba kuyisifiso sabantu. Kunjalo. Manje, angisuye oweDemocrasi noma iRepublican. NgingumKristu. Yonke into yonakele.

219 Ngaphosa ivoti lami kuJesu Kristu. Amen. "KuleliDwala ngizoma, yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo." Yebo, mnumzane.

220 Bangani, asithenjisiwe inqubo. UJesu wayengeke enze lutho ngenqubo. Asithenjiswanga inqubo. Sethenjiswa (sethenjiswani?) uMbuso! Ungena kanjani kuWo na? "NgaMoya munye thina sonke sibhaphathizelwa kuloMbuso." NguMbuso kaNkulunkulu, uMbuso wokuPhila okuPhakade, neNkosi yaPhakade inikeza iZwi laYo laPhakade, nabantu baPhakade abamiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Yena, UyiNkosi. Sibhaphathizelwe kuWo, sihlezi eNkazimulweni yaseZulwini.

221 "Sifile, ukuphila kwethu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu." Futhi hhayi lokho kuphela, kodwa, "Sivusiwe kanye naYe!" Ukuvusa ini, enqubweni, ihlelo, inhlangano na? Sivukile eMbusweni kaNkulunkulu! "UMbuso kaNkulunkulu uphakathi kini." Ngani? Zonke lezizinqubo ezenziwe ngumuntu zifanele ziwe. "Hhayi ukuthi kusezakuba kanyekanye Ngizamazamise izwe, kodwa Ngizozamazamisa amazulu. Futhi lezozinto ezingezanyazanyiswe, yilokho okuyosala. Futhi simukela uMbuso, simukela uMbuso ongayikuzanyazanyiswa noma unyakaziswe." Lowo uMbuso kaNkulunkulu! Hhayi inqubo, hhayi isondo lezombusazwe, hhayi ihlelo, kodwa uMbuso! Amen! Futhi izikhonzi zawo zifile ezinqubweni zalelizwe. Izikhonzi zawo zifile kulezizinhlangano. Kufile kulezizinqubo zezombusazwe, futhi kuyaphila futhi kuvukile ngaMandla eNkosi.

222 Futhi manje siseMbusweni, sihlezi ezindaweni zaseZulwini neNkosi yaPhakade, sijabulela ukuPhila okuPhakade ngeZwi eliPhakade, siya eZulwini eliPhakade, sibe naYo kuze kubengunaphakade. Haleluya! Sihlezi eBukhoneni beNkosi! O, ngiy'Mthanda. Wewu! Ngijabula kakhulu ukuba ngomunye wabo. Ngijabula kakhulu ukuba ngofile kuKristu, ngiphile eMbusweni kaNkulunkulu. Leli akusilo iKhaya lami; sifuna

uMbuso. Sifuna iNkosi. Sesivele siseMbusweni. Sifuna ukuba iNkosi ifike, futhi iNkosi ngokushesha izofika eMbusweni waYo.

223 "Ngokuba semukela uMbuso ongenyakaziswe." Zonke lezi ezinye izinto ziyahlakazeka. IMelika iyahlakazeka. IUrophu iyahlakazeka. I Eshiya iyahlakazeka. Lonke izwe liyahlakazeka. "Kodwa siseMbusweni, uMbuso oPhakade, Ungenyakaziswe," amen, lapho uKhisimuzi unsuku zonke, amen, ukuhlala eBukhoneni beNkosi. Udumo! Awudingeki uqagele ngalokho. YiQiniso, iQiniso likaNkulunkulu, iQiniso lonke likaNkulunkulu. NgiMthanda kanjani ngaLokhu! Muhle kanjani!

224 Wena ohlezi lapho, ungibuka, owesifazane omncane lapho efake izigqoko ezinyama, engibuka. UseMbusweni, (uyakukholwa na?) eBukhoneni beNkosi. Nje ubenokuhlinzwa ngenxa yenkathazo yethumbu. Kunjalo, akunjalo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Futhi lokho kade kukuhlupha, kade kukuhlupha; kukhohlwe. Kuzolunga manje. Ngani? Kukhona ukuphilisa eBukhoneni beNkosi, eMbusweni, "Ngokuba ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Amen. Amen.

225 Umfowethu omdala oyikhaladi ehlezi ngale ekugcineni lapho, ubephakamise izandla zakhe, eqalaza, ezama ukungithola. Awungitholanga; kodwa uMtholile. Lelo thumba elisohlangothini lwakho, uma uzokholwa ngenhliziyo yakho, uNkulunkulu uzolikhipha. Uyakukholwa na? Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Amen.

O, Akamangalisi, uyababazeka!

226 Ungabazelani na? Ungangabazi. Unesifuba somoya, futhi unenkathazo yenhliziyo, unesifo samathambo, yonke into. Ufuna uNkulunkulu abize inombolo ngenombolo. Uma Ekhuluma kuwe, yikho. Nje unga—ungangabazi. Ungakhohlwa ukuthi lokho yiqiniso. Kholwa uNkulunkulu, futhi uzoba nakho obukufuna. Amen.

227 Lendoda ehlezi lapha, nesifuba somoya, umfo omncane ovela eNorway. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzolapha lesosifuba somoya futhi akusindise na? Uma ukholwa, uNkulunkulu uzokusindisa. Amen. Ngani? Kulungile, ungaba nakho, mnumzane. Ubungazi ukuthi ubunokukholwa okungako, ubuwazi na? Kodwa uMbuso kaNkulunkulu ufikile, futhi sihlezi noMesiya, uMesiya kaNkulunkulu.

228 "Kungani ukusho kanjalo, 'UMesiya'? Kuyini, Mfowethu Branham na?"

229 IBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu linamandla kakhulu noma yimuphi umbuso, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili; lingumeHluleli wemicabango osengqondweni, nemizindlo yenhliziyo." LinguMbuso kaNkulunkulu! Haleluya!

230 "Semukela uMbuso ongayikunyakaziswa." Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nizoyemukela iNkosi Iselapha na? ["Amen."] Khona-ke asime ngezinyawo zethu futhi nje siMdumise, ngayoyonke inhliziyo yethu.

231 Nkosi Jesu, siyaKudumisa, O Nkosi eNkulu yeNkazimulo! "Semukela uMbuso ongayikunyakaziswa." Kwangathi abantu baKho, Nkosi, bangaphiliswa, bemile, bebabaza iGama laKho elikhulu, Baba. Siphe khona, Nkosi. Yiba nesihawu phezu kwabantu. Sijabula kakhulu ngaloMbuso, "NgaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe kuloMbuso onganyakazi." Futhi manje iNkosi yethu iphakathi kwethu, iqinisekisa iZwi laYo okwezinsuku zokugcina; iNsika yoMlilo efanayo, uJesu Kristu ofanayo, nezibonakaliso ezifanayo. UkuPhila okufanayo okwakukuYe kuseBandleni. "Semukela uMbuso."

232 Niy'Mthanda? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asicule izindumiso zaKhe, "Ngiy'Mthanda, ngiy'Mthanda ngoba Wang'thanda kuqala." Asilenze nje lizwakale. Sinike indlela, mfowethu. Wonke umuntu manje kanyekanye, asilicule, *Ngiy'Mthanda*, njengoba siMdumisa.

Ngiy'Mthanda, ngiy'Mthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

233 O, he, lokho akuzwakali njengeZulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he! Ngiyanitshela ukuthini, asazane nezakhamizi zethu zaloMbuso. Sisalicula futhi, asiphenduke futhi sixhawulane nomunye oseduze kwethu, futhi sithi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dade," sisalicula, sonke kanyekanye. Xhawulanani, nonke. Ngoba, "NgaMoya munye thina sonke siseMzimbeni-munye," sihlezi neNkosi yethu.

Ngiy'Mthanda, ngiy'Mthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

234 O, Akamangalisi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. Asilicule futhi manje.

Ngiy'Mthanda, ngiy'Mthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

235 Bangaki ozizwa nje ekolojwe konke ngempela na? Asibone. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he! IZwi lakho lingukuDla emphefumulweni wethu. O, he! Asilicule futhi.

Ngi . . . (UNkulunkulu anibusise!)
Ngiy'Mthanda.

